# *Izipho zikaNkulunkulu Njalo ziyazithola Izindawo Zazo*

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. [UMfowethu Neville uthi, "UNkulunkulu akubusise, mfowethu."—Umhl.] INkosi ikubusise, mfowethu.

Kusihlwa, bangani. Ngisanda kungena nje, esikhashaneni esedlule, futhi ngicabange ukuthi bengingehla futhi nginifisele nonke u "Khisimuzi omuhle."

2 Futhi ngakho bengingazi ukuthi bengizoba nalenhlanhla enkulu ukukhuluma kini ngeZwi leNkosi. Futhi ngakho uMfowethu Neville ungicelile, futhi benginezindikimba eziningana ezincane zikaKhisimuzi ebengizisebenzisa, enye yazo enhla e—ePhoenix nasezansi eTucson, izindawo ezehlukene ngapho, umlayezo kaKhisimuzi ojwayelekile. Futhi ngicabangile, kulobubusu'-ku, ngizokhuluma nje ngento encane ethize lapha iNkosi eyibeke phezu kwengqondo yami maduzane, njengoba bengisenhla eColorado.

3 Futhi bengicabanga ngento ethize ngesikhathi sikaKhisimuzi, futhi nginengikubhalile okuncane cishe okuhlanu noma okuyisithupha phansi lapha, imiBhalo nezinto. I. . . Angi . . . Ngiqagele uMfowethu Neville nabo bonke abefundisi benza lokho. Wena . . . kubonakala sengathi ikhona into efika kuwe, bese uyibhala phansi. Ulinda isikhashana, bese uyiqobela phansi. Ngiyiqobela entweni yokulobela yephepha, entweni yokulobela yephepha nje. Bese–ke uma ngibizwa ngesinye isikhathi, ngiyobheka konke lapha bese ngithi," Bekuyini lena manje engiyibambile na?" Yileyondlela, uma sibizwa ngokukhulu ukushesha, niyazi.

4 Kwakuvame ukuthi, ngi . . . ngisemncane kakhulu, ngangikwazi nje . . . umqondo wami wawugcwele, ngangikwazi nje ukukucabanga lokhu khona manje, ngangingadingi ukuba ngilinde, ngiyacabanga "Ezinsukwini eziyishumi ezedlule ngangisendaweni, ethize thizeni. Leyo yindikimba. Nakhu, futhi kuhamba lapha."

5 Niyazi, selokhu ngedlule amatshe ambalwa okukhombisa amamayela emgwaqeni, Mfowethu Higginbotham, futhi ngawela imifula embalwa, ukuthi akusezi nje ngaleyondlela, ngithola ukuqhela kudana enhla nomgwaqo. Kodwa ku . . . njengoba uMfowethu Neville eshilo, esikhashaneni esedlule, "Siya ngokusondela, ngokusondela eKhaya."

6 Kuhle ukubuyela ekhaya. Mina, ngibuya, ngani, likhithika iqhwa kabi kabi. Futhi kune . . . futhi ngezwa ngezingozi nezinto,

eziningi kakhulu zazo emgwaqeni, nabantu bebulawa. Futhi nje cabangani ukuthi amakhulu amangaki azolahlekelwa yimpilo yawo manje, phakathi kwalobubusuku nasemva koNyaka oMusha, ukuthi mangaki amaMelika azofa! Futhi niyazi, abanye bethu bangahle babekhona lapha, kulobubusuku. Futhi nje kuyencika manje, ukuthi . . . isimo sethu phambi kukaNkulunkulu. Kuyisizwe esidabukile, loMfowethu wathi, ukudabuka ndawo zonke. Neflegi lethu belilenga, izinsuku ezingamashumi amathathu, lehliswe uhhafu, konke ngenxa yesono nabantu abangayemukeli indlela kaNkulunkulu ye—ye—yezinto.

7 Ngisho noma singaphikisana nomuntu, uma nokho singekwenze ngendlela yobuzalwane, bese kuthi–ke . . . Niyabo, uma uKristu esenhliziyweni, khona–ke akunandaba ukuthi uphikisana kangakanani nomuntu, usalokhu unothando ngaye nenhlonipho. Ngiphikisana nabaningi abantu, izikhathi eziningi. Kodwa noma kunjalo, angikaze ngibone noyedwa namanje engiphikisane naye engake ngacabanga okwedlula uku "mgaxa ngengalo yami futhi ngimbize ngo 'mfowethu,' ngizame ukumsiza ngakho konke engingakwenza." Ngiyaphikisana naye ngenxa yokuthi ngicabanga mhlawumbe ukuthi phezu kokuphikisana ukuthi u . . . Akukholwayo, ukuthi ngingahle ngingakholwa njengaye nje, kodwa . . . kanjalonjalo, kodwa manje ngingazama ukuhlongoza indlela yami kuye njengoba ehlongoza eyakhe kimi, futhi ngibahlanganise bese sibonisana bese sibona ukuthi sinani, kodwa ukuphikisana kanjalo. Nje mayelana nokufika e . . . asifanele neze sithukuthele noma sifune ukulimaza, noma sibhubhise noma yini. Sifanele njalo sizame ukwakha.

8 Sinenkathi ebandayo yesimo sezulu eyenzekayo lapha, asinayo na? Kungamashumi ayisikhombisa-nambili ngenkathi ngisuka eTucson, futhi ngenkathi ilanga lishona futhi kuba mnyama, kwakusalokhu kungamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye. Ngakho, bese ngibuyela enhla lapha, ngivevezela konke nje, niyazi. Ngi . . . Wonke lowomgwaqo oneqhwa, nangaphansi kwezinga-qhwa, no ayisi nayo yonke into, ngadingeka ngikwejwayele konke futhi. Kuxaka kakhulu ukuthi ungathola kanjani kakhulu u "kwenza isimo sendalo" sibe kakhulu nge—ngendlela encane. Futhi selokhu nganishiya, angibanga cishe impela nethuba lokuthola ukusimama. Ngine . . . njengesifo sokucinana kwamankanka esi—simweni sezulu phakathi lapha, futhi njengoba ngiya ngokuba mdala . . . Futhi ngazalwa futhi ngakhuliswa phakathi lapha. Kodwa ngenkathi, niyabo, uma usemusha, unento ethize, ongayintshinga; kodwa uma uya ngokuba mdala, ngani, uqala ukuthola ukuthi into ethize ayikho lapho. Kwakuvamise ukuthi, wawungakhohlwa nje ngakho. U . . . kunento ethize lapho e—engeke yantshinga njengoba yenza ngenkathi

usengumfanyana, ngakho ngithola ukuthi ngaleyondlela ukuthi ngi. . .lesosimo sendawo esifudumele, endodeni endala, kuthi ukusiza kancanyana.

9 Ngiyakhumbula ngiza ngehla leyoUtica Pike enhla lapho, njengomfanyana (ngineminyaka eyisikhombisa, eyisishiyagalombili, ishumi, ishumi nambili, eyishumi nane ubudala), ngingafake zicathulo (izicathulo zethenisi) futhi khona kuyisishiyagalombili noma ishumi ngaphansi kwezingaqhwa, nezicathulo zethenisi, izinzwani ziphumile kuzo. Futhi kunga. . .manje lokho akusikho ukwehla njengomgwaqo lapha, kodwa ukuqhumisa iqhwa. Akukho zimoto ezizayo zehla, kungahle kube ngumzila wenqola kanye ngasikhathi. Ngiza ngehla ngaleyondlela ekuseni, ngifake ibhantshi elidadlana, kungekho-yembe, futhi laliqhaswe *kanje*, kungengaphezu kwalokho okwenzeke khona manje; ngimanzi te kuze kuyofika emadolweni ami, ngiqhubeka ngqo ngingena futhi ngingakunaki. Niyabo, kul'khuni ukuba nomkhuhlane. Kodwa lokho kwakuthi akube yiminyaka engamashumi amane-nanhlanu eyedlula. Ngakho, inqwaba yonke yokwenza buthakathaka, sekuhambe inqwaba yamamayela futhi kwakheka iwashi lejubane, niyazi, ngakho nje asikuthathi njengoba sasivame ukukuthatha.

10 Ngibone uMfowethu Capps ephakamisa ikhanda lakhe. Usemncana kakhulu ukucabanga leyomicabango manje. Futhi ngakho linda uze ukhule lapho uMfowethu Neville kanye nami sikhona, khona–ke—khona–ke uyo—uyocabanga inqwaba yezinto ngokwehlukile, kuthi ukwenza buthakathaka.

11 Awu, sesike saba nezikhathi ezinkulu eNkosini. INkosi isibusisile kakhulu kakhulu, futhi ngibonga kakhulu. Futhi ngiyabuya. Ngiyacabanga, ngeSonto elizayo, iNkosi ithanda, ngifuna, uma uMfowethu Neville engenandaba, i. . . Nginenkonzo, okungenani ngeSonto ekuseni futhi mhlawumbe ngeSonto ebusuku, inkonzo yokuphilisa yangeSonto ebusuku. NgeSonto ekuseni nginomlayezo osemqoka, uma iNkosi ithanda ukuba ngiwethule. Angikayicabangi indikimba yami. . .akungaphezu nje kwendikimba yami okwamanje, akukho-ngqikithi kuyo, ngoba ngi—ngi. . .hhayi ngaphandle—ngaphandle kwanoma yiyiphi, niyazi, isambulo esivela eNkosini, kodwa nje kimi uqobo. Ngi—ngifuna ukuzwakalisa into ethize ngeSonto engithemba ukuthi izothi ukusiza kancanyana ngakulezizindlela.

12 Ngifanele ngihambe manje ngibe sensimini, futhi nje nginazo zonke izinsuku cishe impela engiyiswa ndawo zonke. Ngicabanga ukuthi uBilly ubengitshela, phakathi kohlu lohambo, ukuthi nginezinsuku ezimbili noma ezintathu ebengingeza ngazo ekhaya ngoApreli emva kokuba sengisuka lapha, ngibuyele eTucson, nalokho kuthi akukuxazulule–ke. Futhi manje–ke kuqhubeke kuze kube ngoNovemba ozayo,

uOktoba, uma sengibuyela ngakulelicala futhi ngivela phesheya kwezilwandle.

13 Manje, ezinye futhi izinsuku ezimbili kuya kuKhisimuzi. Olunye futhi usuku, akunjalo na? Lokho kungaba ngezimbili. NgoMsombuluko . . . NgoLwesibili Usuku oluphambi kukaKhisimuzi na? NgoLwesibili Usuku ngaphambi kukaKhisimuzi. Akwesabeki yini ukubona ukuthi leliholide elikhulu, esisondela kulo, kusondelwa kulo ngendlela okusondelwa ngayo kulo na? Kuyinto embi kabi, into e—e—engubudedengu kangaka, ukucabanga lowo—lowo onogwaja ne—nensumansumane ebizwa ngo "Kriss Kringle" (uSanta Claus) nayo yonkeinto, isuse ubuyona bangempela basuka kulokho uKhisimuzi oyikho.

14 Manje, asi . . . a—asazi, futhi ngempela angikholwa . . . Bengiza ngehla nje, umkami usemuva lapho, futhi ngi . . . ngiza ngehla ngomgwaqo, bengilalele usonkanyezi; lowo manje, bawela nje emqondweni usomkhathi angitshela eminyakeni eminingi, eminingi eyedlula, ngenkathi nje ngangisengumqaphi wezinyamazane lapha eIndiana. Ngenkathi bengitshela ukuthi . . . ukuthi lezozinkanyezi zahlangana kanjani, njengoba nje kwenza lowosonkanyezi wokuqala nalokho kwabumba, abathi kwakuyoba into yokwemvelo lokho kwenzeka njalo, ngikholwa ukuthi ushilo kulobubusuku, iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili, noma into efana naleyo. Futhi kuphinde kuyazibumba futhi, okokuthi: uSardisi noJupita, futhi ngiyakhohlwa; noMart- . . . uMars; qhabo, ngi . . . lelo yiphutha. Ngezinye zezinkanyezi ukuthi zigijima ngejubane kanjani uma zinqamula emikhondweni yazo zihambisana nomhlaba, nalosonkanyezi kulobubusuku ubezama ukusho ukuthi empeleni kwakuyinto yemvelo. A—angi—angikuvumi lokho. Ngikholwa ukuthi kwakuyinto engaphezu kwemvelo, ukuthi uNkulunkulu wayenza. U, izinto ingaphezu kwemvelo inoNkulunkulu. UNgaphezu kwemvelo.

15 Futhi—futhi ngabheka phansi futhi ngazi ukuthi lokhu kubheke emuva manje kuApreli, ngi . . . iNkosi ithanda ukuba ngiphile kade kangako, ngiyobe ngineminyaka engamashumi amahlanu-nanhlanu ubudala. Niyabo? Futhi ngi—ngiyazi i . . . Kodwa ngibuka emuva empilweni yami, futhi ngiyamangala ukuthi kwenzekaphi. Kusukela kulaboKhisimuzi abancane bokuqala, ngenkathi silengisa amasokisi ethu amade, noMama wayethatha . . . Mhlambe sasithola iorintshi, nezimbili noma izingcezu ezincane ezintathu zikaswidi onemishwe, nalowo kwakunguKhisimuzi omkhulu kithi. Kodwa, niyazi, abantwanyana ba—bazibhekile lezozipho. Si—sithola ukuthi—ukuthi uKhisimuzi uya ku . . . ukakhulu kubantwana, ba—babheke lokho ezinsukwini zamanje. Kuphendulelwa kubantwana. Kodwa ngempela kufanele kube abantu abadala;

kufanele kufundise abantwana babo ukuthi owangempela uKhisimuzi uyini.

16 Futhi angikholwa sanhlobo ukuthi—ukuthi uKristu wayengazalwa ngomhla zingamashumi amabili-nanhlanu zikaDisemba, eJudiya, ngoba kumakhaza kunoma kunjalo khona lapha manje. Niyabo? O, futhi abelusi bezimvu babengayigcina kanjani imihlambi yabo ebusuku na? Bese—bese–ke kuba ngukubalwa nayo yonke into, noMariya ezovela kude kangako, esuka le ezansi eBetlehema enyukela eJudiya, enyukela eJerusalema, njalo, e. . .ukuyobalwa. Kul'khuni ukuba ngi—ngi—ngikwazi—ngikwazi—ngikwazi ukukholwa yilokho. Enyuka, ngikholwa ukuthi uza eNazaretha, futhi ngakho ngenkathi. . .Kwakungenziwa kanjani lokho—lokho. Kwakungenakwe—kwenziwa, kodwa ngikholwa ukuthi uKristu wazalwa entwasahlobo, ngoba ngandlela zonke WayeyiWundlu. Niyabo? Futhi qaphelani, Wazalelwa endlini yokukhweza izimpahla, futhi hhayi endlini yokuhlala.

17 Futhi ngenkathi beMyisa esiphambanweni (abanye), ngokwazi kwethu, ukuthi akazange asho ngaYe ebahola, kodwa baMhola. Benazi yini ukuthi iwundlu noma imvu ifanele iholelwe ekuhlatshweni na? A—ayiyikuya ekuhlatshweni, u—ufanele uyiholele lapho. Futhi ngokwejwayelekile yimbuzi ehola imvu. Ezi—ezibayaneni zokubulalela, banembuzi. Nembuzi iyokwenyukela kulomhubhe, ize ifike phezulu ukuba ithole imvu ukuba iqale ukwehlela emhubheni ukuba ibulawe, bese kuthi–ke imbuzi iyogxuma iphume. Kodwa uma sebefika esikhathini sokuba bezobulala imbuzi, ikhahlela ngempela futhi iqophisane (izofanele ingene) ngoba ubungeke uyisole. Kodwa—kodwa yi—yinto ukuthi imvu iholwa kanjani, futhi Waholelwa ekuhlatshweni. BaMhola. WayeyiWundlu. Futhi ngikholelwa kuleyondlela iyimvelo ngakho konke, namawundlu azalwa ngoMashi, Apreli, nangakhona phakathi lapho, hhayi ngemuva kukaMeyi. Futhi angikholwa ukuthi kwakuyinoma yini ngaphambi kukaMashi nanoma yini emva kukaMeyi, ngesinye isikhathi ngakhona phakathi lapho.

18 Kodwa ngenkathi ibandla, ubuKristu, bugana ubuRoma, kwakuseMkhandlwini waseNayisiya, ngenkathi bevuma. . . isizwe samaRoma semukela ubuKristu futhi benza lokho ababekubiza ngenkolo yomhlaba wonke, kwakungubuKristu. Benza inkolo yomhlaba wonke, futhi babekhonza izithombe, futhi babenonkulunkulu welanga.

19 Futhi khona manje, kusukela zi—kusukela zingamashumi amabili-nanye kuya emashumini amabili-nanhlanu, ilanga licishe impela lime emzileni walo ofanayo lapho ledlula. Nikubiza ngokuthini lokho na? Kade kuyi. . .Bengicabanga ukuthi bengikwazi, kodwa angisakucabangi. Uma ilanga li—li. . .li—lizuza isikhathi esingaka futhi lilahlekelwe yisikhathi esingaka, zize zibe ngamashumi amabili-nanye, phakathi

kwamashumi amabili-nanye namashumi amabili-nanhlanu zikaDisemba. O, ngiyakhohlwa ukuthi bakubiza ngokuthini. Ini? [Omunye ebandleni uthi "Ukufiphala kwelanga?"—Umhl.] Qhabo, ukufiphala kwelanga kungenkathi ledlula, ilanga nenyanga kwedlulana kanyekanye. Kuyinto ephakathi lapho, o, ngi—ngi—ngicishe impela ngikusho kodwa angikwazi khona manje. Nokho, kuyilokho kuma ngqi kwelanga okubizwa ngamaRoma (lokho kungenkathi kuqhubeka isekisi), kwakubizwa ngo *suku lokuzalwa lukankulunkulu welanga*. Babelugubha kusukela zingamashumi amabili-nanye kuya zingamashumi amabili-nanhlanu zikaDisemba.

20 Ngakho manje–ke, ngenxa yokuthi lokhu kwaguqulwa, iRoma e . . . ubuKristu bemukelwa, ngendlela yabo eRoma, base bethi–ke, "Sizokwenza umgubho ofanayo, futhi senze *usuku lokuzalwa kweNdodana kaNkulunkulu*." Niyabo? Unkulunkulu welanga, usuku lokuzalwa kukaJupita, kwase kuba lusuku lokuzalwa lweNdodana kaNkulunkulu, zingamashumi amabili-nanhlanu zikaDisemba, nalokho . . .

21 Kodwa kwenza mehluko muni na? Niyabo, namhlanje uma si . . . Ngisho noma ngabe ku . . . ukuba babekwenza ngoJulayi noma uAgasti, kumbe noma kungaba nini, kuselokhu kungubungcwele bokukhumbula ukuthi "uNkulunkulu wasinika ithemba esinalo phakathi kithi."

22 Futhi manje, wena uthi, "Awu, bonke abanye konke nguSanta Claus futhi beqhubeka njengoba benza; ngani, singavele nje nathi sikwenze." Qhabo, mnumzane! Qhabo, lona akusiwo umgubho wabahedeni kithi, leli yihora elingcwele. Ukuba kwakukade kungekho-Khisimuzi, kwakungebe khona-vuko. Ukuba wawukade ungekho uKhisimuzi: kwakungebe khona-thando, kwakungebekhona-kuthula, kwakungebe khona imva kwalokhu ekholweni; ukuba kwakukade kungekho-Khisimuzi.

23 Futhi manje, wena uthi, "Awu, uma lonke izwe, bavele nje . . . " Awu, niyabo, umbani oyizimfologo emnyameni, izibhakabhaka ezinamafu, zikhombisa ukuthi kungabakhona ukukhanya ngesikhathi sobumnyama. Lezizibani kulobubusuku ziyakufakazela lokho, ukuthi kungabakhona ukukhanya ngesikhathi sobumnyama. Futhi kunini lapho ukukhanya kukhanya khona ngamandla akho onke na? Ebumnyameni. Khanyisa lamalambu emini, ilanga liyakhanyisa phakathi, kuzoba l'khuni ukuthi uqaphele ukuthi ayakhanya. Kodwa nje okukodwa okuncane, ilambu elincinyane liyokhanya ligqame ngempela ngesikhathi sobumnyama. Futhi khona manje ngubumnyama lapho wonke umKristu efanele ukunikeza ubufakazi bethemba elikuye, likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu; hhayi uKriss Kringle omunye owazalwa emuva ngaleya, niyazi, nohlobo oluthize lwesihlahla esalayithwayo futhi sehla sadabula ehlathini ngobunye

ubusuku, indaba eyinganekwane ethize engenamkhawulo. Kodwa sikholelwa ngokuqinile eZwini likaNkulunkulu elithenjisiweyo likaMesiya ozayo, futhi Wazalwa ngosuku lukaKhisimuzi, amashumi amabili . . . cishe impela kusondele eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlula, siyakholwa.

24 Ngakho, kulobubusuku sizokhuluma kancanyana ngendlela ehlukile. Ngiqagele umelusi wenu usevele ukhulumile, futhi mhlambe uyakhuluma ngoLwesithathu ebusuku futhi ngoba ngi—ngiyazi ugodle enye indikimba noma okuthize, ukunginika lomsamo kulobubusuku. Futhi ngimfuna ayilethe, ngifuna ukumlalela.

Kodwa, ngaphambi nje manje kokuba senze lokhu, asikhothamise amakhanda ethu nje futhi okomzuzwana womkhuleko:

25 Baba waseZulwini, lomzuzwana ongcwele omkhulu, uma sicabanga ngezinto ezehlukene emBhalweni lapha, ukuthi nomaphi lapho esiya khona, emuva eTestamenteni eLidala, likhuluma ngalolosuku lapho uNkulunkulu eyothuma khona iNdodana yaKhe. Ukuthi labobaprofethi emuva lapho basabela kanjani isikhathi sabo sesiprofetho seZwi likaNkulunkulu ukuba size kubo. Futhi baprofetha ngezinsuku zabo futhi basho zingakenzeki izinto ezazizofezeka, futhi siyakubona konke kwahlangabezwana nakho lapho eBetlehema ngalobobusuku ngenkathi uNkulunkulu ethanda izwe kangaka waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa. SiyaKubonga ngalokhu.

26 Futhi manje, Nkosi, kulobubusuku njengoba sizinza lapha ukuba—ukuba sikhulume ngeZwi laKho; futhi Lingcwele kakhulu, Nkosi, yingalesosizathu sithanda ukukhuluma kuWe kuqala. Futhi sicela ukuthi Wena uzovula ukuqonda kwethu eZwini laKho. EGameni likaJesu sikucelile. Amen.

27 Manje ngifuna ukufunda omunye umBhalo lapha, indaba yanjalonjalo nje kaKhisimuzi, ngomBhalo otholakala ku—kuMathewu, isahluko 2. Futhi nisaphenya kuleso, noJohane 3:16.

28 Futhi ngobuny'ubusuku enhla ePhoenix . . . Uma nina bantu bamateyipu lapha, nilalele amateyipu, ngizothanda ukuba nilalele kulowo othi: *Kungani uJesu Adingeka Eze EBetlehema*. Kungani Adingeka akwenze na? Nalezozifanekiselo lapho zikaDavide, elele futhi—futhi elinde phezu kwentaba, ebuka ezansi futhi ebona impi yamaFilisti ingena enqabeni. Futhi ngiqhathanise lokho nenamhlanje ncamashi, futhi ngithola ukuthi iBetlehema . . . ukuthi lichaza ukuthini.

29 NoKristu uyiBetlehema lethu, futhi bengingakufakazisa ukuthi wonke umuntu ozelwe nguNkulunkulu uzalwa eBetlehema, ngoba uKristu uyiBetlehema. Futhi yilokho Ayeyikho, i*Sinkwa sokuPhila*. NoBeth, *B-e-t-h* kuchaza—kuchaza "indlu," *E-l* ngu "Nkulunkulu," no e-l-h-e-

m ngu *Elhem* okuchaza "isinkwa," ne "Ndlu yeSinkwa sikaNkulunkulu." NoJesu Kristu wayeyi "Ndlu yeSinkwa sikaNkulunkulu." ISinkwa sokuPhila okuPhakade. Futhi wonke umuntu ozelwe kuKristu, uzelwe e*Betlehema*. "Indlu yeSinkwa sikaNkulunkulu." Nokuthi kukanjani ngezinhlangano zalamabandla namhlanje ingene kanjani enqabeni, njengamaFilisti, ukuvimbela abantu kuSo.

30 Nokuthi kukanjani ngalawo indoda eyiqhawe, azi ukuthi uDavide wayegcotshiwe futhi wayezoba yinkosi sukulumbe. . . engakathandwa impela ngabantu ngaleyonkathi, ngoba wayengumhambuma phakathi kwabantu bakhe, kodwa ngoluny'suku ubizo lwakhe luyafika. Babenamadoda angamaqhawe ekanye naye. Futhi khumbulani, lawo madoda ayengaweZizwe, cishe impela onke ayengaweZizwe, isifanekiso esihle impela sanamhlanje. Futhi indoda eyodwa yayiyiqhawe kakhulu, yabulala amadoda engamakhulu ayisishiyagalombili ngalokho oku. . . ngomkhonto wayo, yona uqobo, ngosuku olulodwa. Enye yayimi ensimini yembumba, nempi iyenyuka, ibutho. Futhi onke abaleka, yayisima lapho futhi yabulala amadoda izingalo zayo yaze yakhathala. Kwase kuthi–ke kwaba ngenye, ukuthi yagxumela kanjani emgodini yase ibulala ibhubesi ngosuku oluneqhwa, ngesandla esisodwa. NoPhilis-. . . noma umGibhithe wayixosha, ngomkhonto omude, yayisithatha induku yase ishaya lomkhonto waphuma esandleni sakhe, yathatha umkhonto yase imbulala umGibhithe yona uqobo, yase ibulala izinduna ezingamakhulu amathathu.

31 Futhi nikezani amadoda amakhulu! UDavide ememeza, "Uma bengingaphinde ngiphuze, niyabo, kulowomthombo!" (lapho ayevame ukuphuzisa khona izimvu zakhe ngenkathi ephuma ekuseni, ziphuma esibayaneni, zaziye zifune ukuphuza amanzi) Nalamadoda ahosha izinkemba zawo futhi alwa edabula amamayela ayishumi nanhlanu amadoda, abuya nalamanzi.

32 NoDavide wathi, "Makube kude, ukuba ngiwaphuze." Wayesewathulululela emhlabathini njengomnikelo wamanzi eNkosini. Isifanekiso esihle kanje pho sento efanayo, sikaloJohane 3:16, kulobubusuku:

> . . . *uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa,* . . .

33 Futhi wenzani uKristu na? UkuPhila Ayenakho ukuba aphile Phakade, Wakuthulululela emhlabathini kuvela emithanjeni yaKhe, ukuphila kwaKhe kwemvelo, phezu komhlabathi njengomnikelo wethu wesono. Nokuthi bakanjani abeZizwe namhlanje, amadoda okuhlonishwa, amadoda, amadoda amakhulu, ethatha inkemba, futhi emi lapho futhi ecaba indlela yawo ukuba athole ukuphuza amanzi afreshi kaKristu (uDavide wethu), okungathandwa kakhulu ngabantu

namhlanje. Kodwa uDavide wethu, esaziyo ukuthi Uzophatha, Uzonyathela zonke izizwe phansi kwezinyawo zaKhe kanjalo, futhi azibuse ngentonga yensimbi. Namadoda angamaqhawe ngempela, emi neZwi likaNkulunkulu futhi egawula ngapha nangapha ngokungesabi, ngoba siyazi Uzophatha.

34 Asifunde manje, emva kukaJohane 3:16; asifunde ukuvakasha ko—koMegi bakaMathewu oNgcwele, isahluko 2.

> *Manje uJesu esezelwe eBetlehema laseJudiya emihleni kaHerodi inkosi, bheka, kwafika izazi eJerusalema zivela—zivela empumalanga,*
>
> *Zithi, Uphi lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? ngokuba sibonile inkanyezi yakhe kwelasempumalanga, size ukukhuleka kuye.*
>
> *UHerodi inkosi. . .ekuzwile lokhu, wakhathazeka, neJerusalema lonke kanye naye.*
>
> *Wabutha. . .abapristi abakhulu nababhali besizwe, wabuza kubo ukuthi uKristu uzakuzalelwaphi.*
>
> *Bathi kuye,* Wase*Betlehema laseJudiya: ngokuba kulotshiwe kanjalo ngomprofethi ukuthi,*
>
> *Nawe-Betlehema, lizwe lakwaJuda, kawusiye omncane nakanye kubabusi bakwaJuda:. . .kuyakuvela kuwe uMbusi, oyakubusa abantu bami uIsrayeli.*
>
> *. . .uHerodi, ezibizile izazi ngasese, wabuzisisa kuzo isikhathi inkanyezi ebonakele ngaso.*
>
> *Wazithuma eBetlehema, wathi, Hambani nibuzisise ngomntwana; kuyakuthi nxa nimfumene, ningitshele, ukuba nami, ngiye ngikhuleke kuye.*
>
> *Seziyizwile inkosi, zamuka; futhi, bheka, inkanyezi, ezayibona kwelasempumalanga, yahamba phambi kwazo, yaze yafika yema phezu kwalapho umntwana ekhona.*
>
> Futhi *zathi ukuyibona inkanyezi, zathokoza ngokuthokoza okukhulu kakhulu.*
>
> *Zase zingena endlini, zabona umntwana noMariya unina, zawa phansi, zakhuleka kuye: zavula amagugu azo, zamkhunga ngezipho; igolide,. . .amakha, nenhlaka.*
>
> *Kwathi ziyaliwe nguNkulunkulu ngephupho ukuba* zingamuki. . .*zingabuyeli kuHerode, zabuyela ezweni lakubo ngenye indlela.*

35 Kuxake ngempela lapha ukuthi kukanjani ukuthi uNkulunkulu, ngendlela encane,. . .UNkulunkulu ukhuluma kubantu ngamaphupho. Ngiyakukholwa. Kodwa ukuthi uNkulunkulu kuloludaba wayisebenzisa kanjani engeyesibili.

36 Manje, iphupho li. . .iphupho, uma lihunyushwa ngokuyikho, liyafana njengombono; uma kuyiphupho futhi lihunyushwa. UNkulunkulu walisebenzisa kusukela emuva le eTestamenteni eLidala futhi kwehle njalo ngeminyaka, futhi kwethenjiswa ngezinsuku zokugcina ukuba lisetshenziswe futhi. Manje, abantu bangadla beqise no—nokunye nokunye futhi bathole amaphupho esabisayo, futhi alisilo—alisilo elangempela, amaphupho okomoya, alizwakali uma u—uma ulifunda. Nokunye kwalo kungahle kubonakale kuqinisile, kodwa nokho kunawangempela, abantu amaphupho okomoya. Futhi siyazi lapha etabernakele ukuthi uNkulunkulu unikeza amaphupho futhi ayahunyushwa, futhi ayafezeka, futhi angawangempela. Kodwa liyindlela yesibili yokukwenza. Niyabo?

37 Manje, isizathu kwakwenziwa ngaleyonkathi, kwakungenxa yokuthi kwakungekho-mprofethi ezweni ngalesosikhathi, ukuhumusha iphupho. Niyabo? Kwakungekho-mprofethi ukuhumusha amaphupho, njengoJosefa no—noDanyeli nalabo baprofethi basendulo. Babekade bengenaye umprofethi iminyaka engamakhulu amane, noNkulunkulu wasebenzisa iphupho uku. . .enzela inhlalakahle yoMntwana waKhe uQobo. Wenza.

38 Watshela uJosefa, ngenkathi waye "ngumuntu olungile, engathandi ukumthela ngehlazo obala, wayefuna ukumlahla ngasese." Akungabazeki wamtshela ukuvakasha kukaGabriyeli kanjalonjalo, nalokho ayekushilo; kodwa ngenkathi esembona ezoba ngumama, kwa—kwakungejwayelekile kakhulu. Niyazi, nje ku. . .kwakuyinto ehluke ngempela. Futhi niyazi, yileyo indaba namuhla. UNkulunkulu wenza izinto ngokungejwayelekile, futhi kungokungejwayelekile kakhulu kuze kuthi ngisho nomuntu nje angakwazi ukukubona.

39 UJosefa wayengakuqondi, kwakungokungajwayeleki kakhulu. Wayengumuntu olungileyo, akukho okwakungalungile kuye. Wayengumuntu olungileyo, indoda enokulunga, kodwa kwakungejwayelekile kakhulu. Niyabo, uJosefa mhlambe eneminyaka engamashumi amane ubudala noma amashumi amane-nanhlanu, into efana naleyo, basho njalo, ngenkathi yena noMariya bethembisa. Kodwa lapha sithola into ethize eyayingakaze yenzeke: owesifazane ethembise lendoda futhi nokho ufunyanwa ezoba ngumama! Futhi kwakungejwayelekile kakhulu uJosefa wayefuna ukumlahla. Kodwa ngaso lesosikhathi esibucayi, uNkulunkulu wathuma iNgelosi yaKhe, futhi yabonakala kuye ngephupho yayisithi, "Ungesabi ukumthatha uMariya umkakho, ngokuba Lokho akukhulelwe kungokukaMoya oNgcwele."

40 Ukukholwa kokuzalwa okunje pho okufanele ukuthi uJosefa wayenakho ngenkathi evuka lapho! Niyabo, wayengenaso neze isidingo sanoma yikuphi ukuhumusha, iphupho lalingekho ezifanekiselweni. Laphuma laqonda ngqo, "Ungesabi

ukumthatha uMariya umkakho, ngokuba Lokho akukhulelwe kungokoMoya oNgcwele." Kwakungekho mprofethi ukunikeza ukuhumusha, ngakho kwakufanele kuze ngqo, kuqonde ngqo kanjalo; kuNkulunkulu . . . kuvela kuNkulunkulu kuya kuJosefa. Manje . . . futhi uNkulunkulu uthathe leyondlela engeyesibili.

41 Kusifundisani khona lapha, ngaphambi kokuba sishaye indikimba yethu na? Nakhu okusifundisa khona: ukuthi uNkulunkulu angasebenzisa onke amandla obuthina uma ku committ–. . . nikelwe kuYe. Angasebenzisa umqondo wethu, amaphupho ethu, ukuzwa kwethu kancane, unembeza wethu wokuqala, ulimi lwethu, amaculo ethu, amehlo ethu, ethu . . . Yonke into esinayo ingasetshenziswa nguNkulunkulu uma inikelwa kuNkulunkulu. Niyabo? Yonke into oyiyo, inikele kuNkulunkulu. Uyosebenzisa yonke intuba nayoyonke ingxenye yakho, Uyoyisebenzisa. Akunandaba ukuthi yini, Uyokusebenzisa uma kungcweliswele enhlosweni yaKhe nobizo.

42 Manje, kulobubusuku sizokhuluma ngokuthi: *Izipho*. Futhi ngifuna ukukunika isihloko lokhu, uma . . . Ngibhale, ngiqobele phansi into ethize phakathi lapho, ngenkathi uMfowethu Neville ephezulu: *Izipho zikaNkulunkulu Njalo Zithola . . . Izipho zikaNkulunkulu Njalo Ziyazithola Izindawo Zazo*. Izipho zikaNkulunkulu njalo siyenqatshwa, kodwa ngempela siyayithola indawo yaso uma . . .

43 Manje, bhekisisani isipho lezizazi ezasithengayo . . . noma ezasiletha kuYe. Namhlanje sithola ukuthi sishintshanisana ngezipho. Wonke umuntu uzofanele athole isipho, futhi azame ukulinganisela ukuthi umfo olandelayo uzomphani, ngakho angamnika into eqhathaniseka kangako. Futhi uma kungesiyo, awu, ngoNyaka Omusha, uzizwa ukuthi uzofanele akwenze. Futhi ngamunye etadisha futhi ekhathazeka futhi ehamba kwiphansi lendlu, osozigidi, ukuthi bazodlula kanjani. Banikezana okungaka *kulo* na*lowo*, kanti ku—kuyiphutha ngakho konke. Ku—ku—ku—kungakho konke . . . UKhisimuzi . . .

44 Lapha: sinye kuphela isipho ongaphana ngaso, naleso singuwe uqobo. Zinikele wena uqobo kuNkulunkulu ngoba uNkulunkulu usevele ukupha iSipho saKhe. Manje, yinye kuphela into oyikweleta ukuba uyibuyisele kuNkulunkulu, lowo nguwe uqobo kuYe.

45 Manje, futhi izikhathi eziningi, *amagama* aseBhayibhelini. Asisakuqapheli, namhlanje. Si . . . Ningizwile kaningi ngileyisa leligama, labantwana bebiza . . . noma abantu bebiza abantwana babo ngo "Ricky." Manje, u*Ricky* yigama elibi kabi! Niyabo? Futhi liyi . . . ningababizi ngalelo. Uma unomntwana ogama lingu Ricky, bakithi, lishintshe libe ngenye into. U*Ricky*, noma—noma u*Elvis*, noma into enjengaleyo, . . . u*Ricky* uchaza

i "gundane." Niyabo? Futhi ngakho u—uhamba. . .Futhi—futhi lokho umuntu ombiza ngakho, lokho kuzwakalisa lokho. Inenekazi elincane, ngoluny'usuku, lalinomfana omncane phandle lapho owayebizwa ngo "Ricky" negama lakhe linguRicky, uJames Ricky. Futhi ngoba lalithandwa kakhulu ngabantu (uRicky), bambiza ngo "Ricky." Ngathi, "Lishintshe lelogama!"

46 Ngiqaphela abanye abantu behlezi khona lapha manje onendodana encane engumzukulu, negama layo ngu. . . oyedwa—oyedwa onomoya omuhle kunabobonke umfana omncane, umfo omncane obukekayo; nomunye nguRicky, futhi yilokho ayikho. Mbhekisise nje, imvelo yakhe injengalokho nje. Futhi u. . .ngathi kwabanye babazali bakhe abangomkhulu nogogo, noma omunye, ngathi, "Tshela umama ashintshe igama lalowomfana, ashintshe lelogama nje bese ebhekisisa ukuthi kwenzekani kumfanyana." Niyabo, nina bantu anifuni ukukukholwa lokho. Sicabanga ukuthi sesiphile isikhathi eside kakhulu salokho.

47 Uma kungekho okuthize egameni, pho kungani inqobo nje uma uJakobe wayesabizwa ngo *Jakobe*, okuchaza "umqineli, umkhohlisi," yilokho ayeyikho na? Kodwa ngenkathi ebambana neNkosi ubusuku bonke, neNkosi yalishintsha igama lakhe, futhi cishe. . .ngenkathi cishe eneminyaka engamashumi ayisithupha ubudala. Washintsha igama lakhe lisuka—lisuka—lisuka kuJakobe liya ku*Israyeli*, "inkosana phambi kukaNkulunkulu," futhi yilokho ayeyikho.

Kungani uAbrama abizwa. . .wadingeka abizwe ngo "Abrahama" ngaphambi kokuba ingane ikwazi ukuzalwa na? Kungani uSarayi abizwa ngo "Sara" ngaphambi kokuba ingane ikwazi ukuzwala na?

Kungani uPawulu. . .noma biza. . .igama lakhe lalinguSawulu, kodwa ngenkathi ehlangana noJesu, Wamshintsha esuka ekubeni uSawulu waya ekubeni ngu "Pawulu."

Ngenkathi uSimoni eshintshwa esuka ekubeni nguSimoni eya ekubeni ngu *Petru*, okuchaza "itshe elincane." Futhi—futhi onke amagama abo ashintshwa, yingoba lokho obizwa ngakho kunento kukho. Uma ukhuluma into ethize, izikhomba yona. Angifuni ukungena lapho, ngoba lokho kuza ngeSonto elizayo ebusuku, niyabo, inkomba yezwi. Futhi, kodwa manje, sithola lezizinto ziyiqiniso kakhulu.

48 Manje bhekisisani, uNkulunkulu. . .Kuyinto exakile kakhulu kulobubusuku, ukubona ukuthi lawomadoda, oMegi, amadoda afundile, amadoda amakhulu. . .eza ehla evela eMpumalanga, lelo kwakuyiBabiloni, okwakuyi Indiya. Futhi awangeni neze kunoma yibuphi ubusuku bonke, futhi aqala ngobunye ubusuku futhi afika lapho ngobulandelayo,

athatha cishe iminyaka emibili ukufika lapho. Awafiki neze eNganeni encane esemkhombeni. Afika kuMntwana osemncane, uMntwana osemncane. NoHerodi wabulala abantwana kusukela kwabaneminyaka emibili ubudala. Niyabo, ukwazi ukuthi kwakungesiyo ingane encane esancela ibele ilele embhedeni wezingane, wayeyovele nje azibulale zonke izingane ezisancela ibele. Kodwa wabulala abantwana abancane, ukuze aqiniseke ukuthi uyaMthola, nomaphi kusukela eminyakeni emibili ubudala kuhlehle. Wamisa isikhathi azi ukuthi wayengafuni ukubulala abaningi kakhulu, bonke, wavele nje. . .ngoba babefana kakhulu nezigqila kuye. Wayefuna ukuthola. . . ukuqiniseka ukuthi uyaMthola, ngakho wathi, "UMntwanyana uyobe cishe eseneminyaka emibili ubudala. Ngakho, yonke into kusukela eminyakeni emibili ubudala kwehle, ibulaleni." Niyabo?

Nalokho kwafezekiswa okwashiwo ngumprofethi, ukuthi "E—eRama kuyozwakala u—ukudazuluka noma ukukhala, ukukhala izinyembezi; lowo Rakheli ekhalela abantwana bakhe, futhi babengasekho."

49 Manje, niqaphelile ukuthi lezizazi, amadoda amakhulu, yayisenhla eBabiloni futhi abona iNkanyezi yaKhe, sithe, "Sibonile iNkanyezi yaKhe kwelasempumalanga futhi size ukukhuleka kuYe." Avela empumalanga, lapho abona khona iNkanyezi, eya entshonalanga. Ngoba iIndiya yintshonalanga, inyakatho–ntshonalanga yaseBab–. . .yase—yasePalastina. Futhi ehla ngqo edabula ngaseMfuleni iTagris futhi awela amathafa aqonda phambili ayongena, eza ehlela eBetlehema lapho afumana khona i—i—iNgane. Futhi khumbulani uJosefa nabo abazange basuke lapho; baqonda ngqo ezansi eNazaretha base bekhuphula uMntwana, khona lapho.

50 Manje, siyabona ukuthi lapha ethula. . .Lamadoda, engosonkanyezi futhi etadisha izinkanyezi, futhi ebona lezizinkanyiso zasezulwini eziyimfihlakalo zibonakala phezulu lapho, ukuthi kwakukhona into eyayenzeka; ukuthi ayazi ukuthi lowo nguMesiya, u—uMbusi wamazulu nomhlaba, wayezozalwa. Futhi ayeza, azi ukuthi ubuNkulunkulu babuzovalelwa, buvalelwe endlini e—eyisidalwa esingumuntu; ngoba ukukhombisa wena ubufakazi bawo. . .Niyazi, niyazi, impilo yakho ikhuluma kuzwakale kakhulu impela kunamazwi akho, kuze kungabinandaba ukuthi uthini, abantu bayakwazi ukuthi uyini nga—ngalokho oyikho.

51 Futhi bhekisisani lababantu, laba oMegi, baMlethela. . . Bhekisisani izipho abaMlethela zona, zakhomba ukuthi babecabanga ukuthi Wayeyini. BaMlethela igolide, amakha, nenhlaka. Futhi manje bhekisisani ukuthi lezizifanekiselo ziyini, engifuna ukukhuluma kini ngazo manje. . .kungukuthi lezizifanekiselo zichaza ukuthini. Manje, nginomunye umBhalo obhalelwe la esizofunda emzuzwaneni ngawo, iNkosi ithanda.

Manje: igolide, namakha, nenhlaka.

52 Manje: igolide eBhayibhelini . . . kufanelana kanjani ukufanela uKristu, ngoba igolide likhuluma ngobuNkulunkulu. *Igolide* li "ngubuNkulunkulu." Sizofika kukho emzuzwaneni nje. *Amakha* kukhuluma nge "nkonzo." Ne*nhlaka* ngu "kufa." *UNkulunkulu*, *ubuNkulunkulu enkonzweni ukuba afe*. Futhi yilokho Ayeyikho. Yona impela into abayiletha yakhomba ababecabanga ukuthi Wayeyikho.

53 Futhi ngisho lokho kithi namhlanje, "Izinto esiziletha kuYe ikhomba ukuthi imicabango yethu uyini ngaYe." Niyaqonda ukuthi ngichaza ukuthini na? Niyabo? Uma uyi . . . Uma uLikholwa ngayoyonke inhliziyo yakho, lonke iZwi lalokho, uyokukhomba ngokunikela konke lokho onakho kuLo. Niyabo? Kodwa uma ukholwa ukuthi kuyindawo enhle yokuzihlanganisa nabantu abangcono, ngase bandleni nezinto ezinjalo, lokho kuthi nje akube yilokho okunikezayo (amahora ambalwa nje enhlaliswano nabanye bebandla noma okuthize). Kodwa uma u—uma ngempela uLikholwa ngayoyonke inhliziyo yakho, khona–ke unikela ngakho konke okukuwe kuLo. Niyabo? Futhi kukhomba wena, ukuthi uwukholwa ngokweqiniso uMlayezo, ukuthi uwukholwa ukuthi uyiQiniso.

54 Abantu abaningi kakhulu bathi, "Ngingakukholwa *lokhu* kangaka. Ngingakholwa *kanjalo*." Abafundi . . . Ngikholwa ukuthi isikhathi sokugcina lapha, ngakhuluma ngalokho: *Amakholwa*, *Abazenzisi*, *NaBangakholwayo*. Kwakungesikho yini ukuthi kwakuyikho na? Ngi . . . angikhulumanga yini ngalokho lapha na? Niyabo? Nomuntu ngamunye, ukuthi siyini isigaba sabo. Niyabo, kuzofika endaweni lapho khona bengathatha khona okungaka kwaso, ngeke bathatha konke.

55 Manje, zazifanela kahle kanjani lezizipho ohambweni lukaKristu emhlabeni, iNgane ezalwa lapha emhlabeni. Nalezizipho izazi ezaMlethela zona, zafanelana nje ncimishi nokuthunywa kwaKhe kuvela kuNkulunkulu nohambo lwaKhe emhlabeni.

56 Manje, into yokuqala: uNkulunkulu. Lona kwakunguNkulunkulu, uJesu wayenguNkulunkulu esimweni somuntu. Lokho kul'khuni kubantu ukuba bakugwinye lokho, ngisho nanamhlanje, ukuthi "WayenguNkulunkulu." Futhi U . . . Yilokho Ayeyikho. Wayengengaphansi ngalutho kunoNkulunkulu. WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. WayenguMdali kokudaliweyo kwaKhe uQobo. Manje lokho . . . WayenguMdali kokudaliweyo kwaKhe, ngokudaliweyo, kwenzela okudaliweyo. WayenguMdali kokudaliweyo kwaKhe, ngokudaliweyo kwaKhe, enzela okudaliweyo kwaKhe. Yonke imimoya evunguzayo ibuyela ngqo kuNkulunkulu, yonke into. Aniboni na?

Ukugcwala kukaNkulunkulu! WayenguMdali ngangokuthi WayenguNkulunkulu. Futhi WayeyisiDalwa emhlabeni (isiDalwa sesikhathi), okusho ukuthi Ufanele ukuthi wayenesiqalo, ngakho–ke Wazidalela Yena umzimba ukuba ahlale kuwo. UNkulunkulu, uqobo lwaKhe, wadala umzimba waKhe uqobo. Niyabo? Ukuthi ngalokhu okudaliweyo, angahle Asindise okudaliweyo okulahlekileyo Ayekudalile.

57 Ayikho into umuntu angayishabalalisa, akukho neyodwa into. Ngeke wenza lutho ukuba ngokupheleleyo ubhubhise noma yini. Ungahle uthathe isiqephu sephepha bese usishisa nya, ungahle ushise indlu ilothe, ungahle ushise isihlahla silothe; awuzange usishabalalise. Wena...lokho kushisa phakathi lapho, lowomlilo ohlakazayo, lokho kuphela izakhi amakhemikhali eqhuma. Abuyela kulokho ayeyikho ekuqaleni. Awashabalele. Uma ushisa isijuqu sogodo, (nezwe lithi...Uma siphile Phakade njengoNkulunkulu, nalokho amakhemikhali aphuma kulolokhuni nalowomlilo wabuyela emuva eziqalweni zawo zasekuqaleni nokwawo oku...kunoma yikuphi okwakuyikho, ukubhidlika kwezakhi ezinci ama atomu kanjalo njalo, i—izwe lithi, "simi izigidi zeminyaka") lokho bekungabuya khona ngqo futhi futhi kube esinye isihlahla, impela nje njengoba sasinjalo.

58 Ungeke washabalalisa noma yini ngoba kuyiZwi likaNkulunkulu eliKhulunyiwe. Amen! O, nalokho kungenza ngizizwe ngigcwala ukholo, manje. Niyabo? Okushiwo nguNkulunkulu, Kuma kuze kube phakade. Amen! Niyabo, ungeke washabalalisa. Siyingxenye yalomhlaba, futhi asisoze sashabalaliswa nya. Qhabo, mnumzane. Isono (umphefumulo) siyoshabalaliswa, siyakuqonda lokho. Kodwa u—umzimba esiphila kuwo, ungeke washabalaliswa. Niyabo?

59 Manje, ngakho–ke, uNkulunkulu wazidalela Yena uqobo umzimba. WayenguMdali, futhi wadala okwaKhe uQobo okudaliweyo, ukuthi ngalokhu okuDaliweyo Akwazi ukusindisa labo ababelahlekile kokudaliweyo kwaKhe (lowo nguwe nami, izidalwa zesikhathi.)

60 IZwi laKhe—laKhe impela lakhombisa lokho...Yena nemisebenzi yaKhe kwafakazisa ukuthi Wayengengaphansi ngalutho kunoMdali. Wathatha ucezu lwesinkwa wase eluhlephula, wayeseqhubeka nokuhlephula lolo cezu olulodwa lwesinkwa, wayesepha abantu abayizinkulungwane ezinhlanu ngalo; wayesecosha iziqabetho ezigcwele izincezu ezashiywayo, futhi wonke umuntu wayenoku—ku—kusutha okuphelele kwezinkwa.

61 Wathatha inhlanzi wayeseyihlephula leyonhlanzi. Manje uma siqonda ukuthi Wayidala leyonhlanzi ekuqaleni. Wasidala lesosinkwa ekuqaleni. Kodwa Wathatha leyonhlanzi wayesehlephula leyonhlanzi. Yayikade iyinhlanzi ephilayo,

yase–ke iyabiliswa noma—noma yathoswa; futhi njalo uma Eyihlephula, noma ngabe yayiyini (yosiwe noma ithosiwe), yakhula yabuyela emuva (ngawo lowomzuzu Ayihlephula ngawo) enye yabiliswa noma inhlanzi ethosiwe. Akumangalisi lokho na? Lokho kwakhombisa ukuthi Wayengengaphansi ngalutho kunoJehova. Bese kuthi–ke WayenguMdali owayengathatha okwaKhe uQobo okudaliweyo, futhi ngokudaliweyo kwaKhe, kuzwakalisa ukuthi WayenguBani. Haleluya! Lokho kwakufakazisa ukuthi Wayeyilokho Ayeyikho. WayengubuNkulunkulu. Ngakho, igolide laliba nguYe, emnikelweni ekuzalweni kwaKhe. WayengubuNkulunkulu benziwe inyama.

62 Ngingahle ngiwise okuthize-. . .Akukho zihambi phakathi kwethu kulobubusuku, ngiqagele, ngakho. . .kulomhlangano womkhuleko. Kodwa ake ngisho okuthize. Ngabe uJesu, ngenkathi Elapha,. . .?. . .Manje, lokhu kungokokucabanga, hhayi okwe. . .mhlambe. . .ukuhlolisisa njalo. Qaphelani, okokucabanga nje, uJesu wathi, kuJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza nemikhulu kunalo uyakuyenza, ngokuba ngiya kuBaba waMi." Nikuqaphelile lokho na? Qaphelani, manje, leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu ithembisa ekholweni, ukuthi izinto ezinkulu kakhulu kunalezo Eyazenza, (kulezizinsuku zokugcina) ukuthi ikholwa liyokwenza izinto ezinkulu kunalezo Eyazenza. UJohane oNgcwele, isahluko14, ivesi 12. Kunjalo na? Niyakholwa ukuthi uJesu wakusho na?

63 Qaphelani, ngenkathi uJesu edala isinkwa; Wathatha ucezu lwesinkwa, wayesedala isinkwa esasesivele siyisinkwa. Ngenkathi Edala inhlanzi; Wathatha inhlanzi eyayidalwe iyinhlanzi ekuqaleni, futhi wakhipha enye inhlanzi kuyo. Kunjalo na? Wathatha amanzi, okwakungashiwo nje ukuthi ayesephenduke aba yiwayini, futhi wenza iwayini ngawo. Kunjalo na? Kodwa siMbonile phakathi kwethu, kulolu izinsuku zokugcina, edala izinto khona ngqo, kungekho–nto emi lapho! Kunjalo na? Ukudala ingwejeje lapho kungekho zingwejeje. Kunjalo! O, Uyi. . .uhlala enguNkulunkulu. UngonobuNkulunkulu nje kakhulu namhlanje njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi futhi wayehlala enjalo, noma uyoba njalonjalo. Usalokhu enguNkulunkulu, futhi ephosela inselelo izinhliziyo ukuba zikukholwe, "Izinto ezinkulu kuna lena, wena. . .kungekho–nto yokubamba nokuhlephula kuyo. Kukhulume, futhi kuyobanjalo."

64 Qaphelani manje, sithola ukuthi ezaKhe. . .Wakhomba. Imisebenzi Ayenza yakhomba ukuthi WayengonobuNkulunkulu, kwakukhombisa ukuthi Wayenjalo. Ngokuba Wathi, "Uma Ngingayenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona ke ningaNgikholwa."

65 Futhi ubengeke yini umKristu athi namhlanje, "Uma ngingayenzi imisebenzi yoMsindisi wami, ningangikholwa"? Niyabo?

66 "Njengoba uBaba aNgithuma, naMi ngiyanithuma." Futhi uma nenza imisebenzi, imisebenzi yokudaliweyo kukaBaba aMthumile, khona–ke kungokudaliweyo . . . UKristu (uMdali) osithumayo, wenza imisebenzi kaKristu uMdali. Niyabo? "Njengoba uBaba aNgithuma, naMi ngiyanithuma. Futhi uma Ngingayenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningangikholwa."

67 Khona–ke umKristu namhlanje ufanele enze ukuPhila uKristu akwenza noma sinelungelo ukusho, "Akunjalo."

68 Qaphelani manje, imisebenzi yaKhe yaMdala . . . noma yaMkhomba ukuba abe nguMdali. Imisebenzi yaKhe Ayenza yathwesa umqhele wobufakazi bokuPhila kwaKhe, ukuthi Wayengu "Mdali"; ayikho indlela yokudeda kukho. Ngakho–ke, ngenkathi benikela isipho segolide, babenokuvumelana okuphelele noNkulunkulu ngezipho zabo. BaMupha igolide, elaMkhomba njengobuNkulunkulu. Umqhele njalo, umqhele wegolide . . . ikhanda legolide, leNkosi uNebukadinezari. Konke, niyabo, ku . . . njalo ubuNkulunkulu bumelwa yigolide.

69 Manje: *amakha*. Sifuna ukuthola lezi ngokushesha. Amakha umnikelo wenkonzo kuJehova. Manje, uma nifuna ukubhala lemiBhalo, uLevitikusi 2:2, noLevitikusi 16:6 kuya kwele 15. Sithola ukuthi yinqubo yobupristi, ukwenza umnikelo kuJehova. Ngenkathi enza umnikelo, kwakufanele wenziwe futhi uxutshaniswe namakha okomnikelo wesono, babethatha izinto ezehlukene futhi bakuxube. Okomnikelo wempuphu, okomnikelo wokuzuliswa, amakha ayenezelwa. Ngoba, wawemukelekile kuJehova uma wawugcotshwe ngamakha, okuchaza ukuthi *inkonzo kuJehova*, *uNkulunkulu*. Futhi, manje, sithola ukuthi UngubuNkulunkulu. Futhi baMlethela amakha, kwakungukufanekisa ukuthi Wayeyinkonzo kuJehova. UJesu uyiNceku kaJehova.

70 Manje, kuMathewu oNgcwele 12:15 kuya kwelama 21, sithola ukuthi WayeyiNceku kaJehova, "Bhekani iNceku yami, eNgithokozile ngaYo" (futhi Wayeyiyo) "futhi Ngibeka amandla aMi kuYo." Ngakho ukuphila kwaKhe kwakugcotshwe ngamakha, enkonzweni kaJehova. Isipho esinje pho lezozazi ezasinikeza! Niyabo, kwakuyinto ethize uku . . . i—isipho abasinikezayo, kwakuyinto ethize ukukhomba uJesu njengeNceku kaJehova.

71 Manje uma kuphela besingenza lokho, ukukhomba izimpilo zethu. Niyabo, izimpilo zethu ukuba zikhonjwe njengenceku kaJehova. Ayengawalokho–ke amakha, lokho kwaMenza iNceku kaJehova.

72 Manje, *inhlaka*, i n–h–l–a–k–a, kwakungukugcoba kokufa. Siyathola kuJohane oNgcwele, isahluko 19, ivesi 39, lokho

kuya e—enkonzweni yomngcwabo kaJesu, ngenkathi uMariya nabo behambile, babethathe lenhlaka ukuMgcoba ngayo; ngoba Ufanele abe yiNceku yokufa kaJehova. Niyabo? Omunye umuntu wafanele afe. Leyo kwakuyinkonzo eyayifanele yenzelwe uNkulunkulu, futhi akukho muntu owayefanele ukuyenza kodwa uNkulunkulu qobo lwaKhe. Ngakho, ukuletha inhlaka—nhlaka, kukhombisa ukuthi ngobuNkulunkulu, nenkonzo, ukuthi futhi Wagcotshwa ngenhlaka; ukuthi lobubuNkulunkulu babufanele bubekwe ekufeni ukuze busindise ongaphelele. O, into enkulu kanje pho!

73 Konke okudaliweyo kwakulahlekile. Sihambile nje sedlula kukho eziMpawini eziyisiKhombisa. Niyabo, konke okudaliweyo kwakulahlekile, yonke into yayihambile. Konke kwakungokukaSathane. Wakudla ifa futhi kusengokwakhe namanje. Impela uyakwenza. Yingalesosizathu silwa futhi sinakho konke okwalenkathazo. Ulawula wonke umbuso; uSathane uyakwenza. Wonke uhulumeni, yonke inkosi, wonke umbuso, ulawulwa nguSathane. Umhlaba wonke ulawulwa futhi uphethwe nguSathane. Yingalesosizathu sinezinkathazo esinazo. Noma yimuphi umfundi weBhayibheli, kumbe noma yini, anganitshela ukuthi uSathane . . . Awu, iBhayibheli uqobo lwaLo liyasho ukuthi wakwenza, niyabo, ukuthi ulawula umhlaba. Kodwa uKristu uyodla iFa lawo, ngokuba okwamanje UnguMhlengi wethu. Futhi Ufikela ukuhlenga konke okudaliweyo, futhi akukho lutho okungakwenza kodwa uNkulunkulu qobo lwaKhe.

74 Yingalesosizathu ukuthi uNkulunkulu akenzi lutho ngaphandle komuntu. Usebenza njalo ngomuntu ngoba Wafanele asebenzise umuntu. Umuntu yilokho Afanele akusebenzise ukuveza obala ingxenye yaKhe engahlukaniseki yoMsindisi. Wayefanele amenze ngomfanekiso waKhe, amenze into ethize enjengaYe, futhi ambeke ekubeni abe ngonokuzikhethela futhi amyekele enze nganoma-yiyiphi indlela ayefuna ukwenza ngayo. Wayengathatha ukukhetha kwakhe. Futhi Wayazi ukuthi umuntu, ngokumnika lokhu kukhetha, uyowa. Ngakho ngokuthi Wayefanele akwenze lokho, Ujika ubuyela emuva ngapha futhi enze umuntu abe ngumata kuYe, futhi akenzi lutho ngaphandle uma Ekwenza ngomuntu!

75 Wonke umsebenzi wokuhlengwa ufika ngomuntu! Haleluya! Ukufa kufika ngomuntu wokuqala, ukuPhila kufika ngoAdamu wesibili. Niyabo? Nakho lapho okhona, Akenzi lutho ngoba Wadingeka asebenzise umuntu ngalokho, manje–ke Usebenzisa umuntu ukuhlenga abuyise futhi. Ngakho ubuNkulunkulu buba nguJehova . . . noma uJehova be- . . . UngubuNkulunkulu, futhi Uba ngu—nguMntwana. Uba sesimweni sesono, ukuze Ahlenge isoni. Niyabo, nanso yonke into.

76 Manje, bukani ukuthi ini . . . zifanela kahle kanjani lezozipho kuJesu Kristu; niyabo, igolide, likhuluma

ngobuNkulunkulu baKhe. Manje, babengesibo abahedeni. Babephefumulelwe nguNkulunkulu. Babengacabangeli into ethize. Lokho kufakazisa khona lapho, ngisho noMegi, ukuthi babona okungaPhezu kwemvelo. Ngoba isipho sabo uqobo, abasinikelayo, sakhomba futhi sakhuluma kahle ngobufakazi babo ukuthi babona okungaPhezu kwemvelo. Ngani na? Ngoba ngani na? Kukhuluma ngokuphelele. Baletha *igolide*, "UbuNkulunkulu." Baletha *amakha*, "inkonzo." Futhi baletha *inhlaka*, yo "kufa" kwaKhe. Ngenkathi EyiNgane, amen, kukhombisa ukuthi ubuNkulunkulu babuzobulawa enyameni, amen, ukuze buhlenge umuntu owile. Bangakwala kanjani abantu lokho na?

77 Uma niqonda: Senzani lapha na? Savelaphi na? Noma msebenzi muni esinawo ngokuba lapha na? Asibekwanga nje lapha ngethuba, sabekwa lapha ngenhloso futhi sifanele siyifeze leyonhloso. Kodwa sisalokhu sisemuva ezisekelweni zokuba ngabazikhethelayo lapho esingaLikhonza khona noma siLenqabe njengoba nje uAdamu enza ekuqaleni.

78 Ngibuka, lamantombazane amancane lapha, Mfowethu... Yini i...? Ngikholwa ukuthi yinenekazi elincane elidlale upiyano, futhi bengi—ngiwezwa lapho ecula. Besikhuluma ngawo, emgwaqeni enhla lapha. Kunomndeni omncane onikele yonke impilo yabo nayoyonke into kuKristu. Ake nibheke lowomndeni, ukuthi uhleleke kahle kanjani. Ake nibheke lawomantombazane amancane. Abemi lapha, i—isibonelo sobufazane obusebuncane, bobutshitshi. Futhi akunendaba...

79 Emavikini ambalwa edlule ngehla phakathi njenge... Angazi ukuthi igama lendawo liyini ezansi lapho, eNew York manje, banezindlu zasedolobheni zabashayi. Kanjani, lawomantombazane ezansi lapho egqoke lawo—lawomathayithi futhi—futhi kungekho lutho phezu kwawo, ayegqoka amabhikini (njengoba bekubiza kanjalo) ngaphezulu phezu kwalokho. Futhi, o, nje iconglom-...enza noma yini esengqondweni yawo. Akunandaba ukuthi kuyini, yilokho i... ngani angumshayi. Angenza noma yini nje. Uma efuna ukulala phansi futhi angavuki, avele alale phansi futhi angavuki. Uma efuna ukuhamba ayokwenza into ethize, ayayenza; uma engayenzi, awayenzi. Ingqondo nje ihamba nje! Futhi ifikaphi ingqondo engaphendukile na? Aninalungelo lokwenza lokho, ngoba anisibo abenu; nithengwe ngubuNkulunkulu, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu eyenziwa inyama. Kodwa, niyabo, isibumbatha sesono!

80 Futhi ubona encane, amantombazane asemancane anjalo ema qekelele; ngani, kimi, kungukukhanya ngesikhathi sobumnyama. Kungukukhanya okusamfologo, kwesiswebhu sikaNkulunkulu esimazombezombe, ezibhakabhakeni ukukhombisa ukuthi kungaba khona ukuKhanya! Kungabakhona ukulunga phakathi kwesono!

81 UMariya, unina kaJesu, emzini waseNazaretha, umuzi odeleleke kunawo wonke owawukhona ezweni, kodwa lapho uNkulunkulu wakhetha inenekazi elincane ukuba lizale iNdodana yaKhe; umchamuseli, isizalo esasizo. . . iNgane eyayifanele izalwe ngaso. Wathatha umuntu onjengaloyo ukuba akwenze. UNkulunkulu usebenza ngezidalwa ezingabantu ukuhlenga izidalwa ezingabantu. Angathatha wena, asebenze ngawe ukuhlenga isintu, uma uzonikela ngokuphelele yonke into oyiyo.

82 Uma uyintombi, nikela ngezimilo zakho. Uyinsizwa, nikela ngezimilo zakho, nikela ngomqondo wakho, nikela ngokucabanga kwakho, nikela ngenhliziyo yakho, nikela ngomphefumulo wakho, nikela ngakho konke oyikho! Futhi vumela uKristu asebenze ngalokho. Into eyinkazimulo kangaka pho! Kunemifula ezowelwa, unama—namabriji ozowawela, une—unezixhobo zameva, unamahlashana, unamahlathi, unezindawo ezimnyama, unamagquma aphakeme, unemimmango ephakeme. Wenzani na? Suku-lumbe uyodingeka ume futhi ubuke emuva, ubone ukuthi uvelaphi, futhi uzokwehlulelwa ngomzila owuthathayo. Beka okwakho—konke okwakho, umqondo wakho nemicabango yakho, kuleyoNkanyezi yaseNyakatho (isenta kaNkulunkulu) futhi ungagudluki kuYo. Hlala naYo ngqo. Iyokuletha ngqo njengoba Yenza koMegi, uqonde ngqo kuKristu.

83 Kulungile, baMgcoba ngenhlaka. Siyathola manje, kuJohane 12:1 nele 7, yilokho impela Akwenzile. WayeyiNceku kaNkulunkulu ephelele, futhi wayeMgcobe ngazozonke izipho zaKhe zobuNkulunkulu. Wayegcotshwe ngazozonke izipho zikaNkulunkulu ngoba WayenguNkulunkulu. WayenguNkulunkulu. Niyabo, *ba*Mlethela izipho.

84 Manje, sizoba yi. . . Ngifisa. . . Abantu lapha njalo, iningi labo, niyazi, ukuthumelela into ethize. Manje, uma sekubuyela ekubuyiseleni, angikwazanga ukukwenza. Niyabo? Kusemhlabeni jikelele. Angikwazanga nje ukukwenza. Futhi ngiyayithokozela encane. . . izinto ezincane, nezinto abantu azenzayo ukuzwakalisa bona uqobo nokubonga kwabo kanjalonjalo.

85 Manje, yilokhu lezizicebi ezikwenzile. Lamadoda angoMegi, bathenga igolide, igolide elicwengekileyo. Baletha amakha, amahle kunawo onke ababengawathola. Baletha inhlaka, enhle kunayoyonke ababengayithola.

86 Siyaqonda ngapha, kuJohane oNgc. 12, sithola ukuthi lo wesifazane. . . ukuba besinesikhathi sokukufunda, kodwa angifuni ukunihlalisa isikhathi eside kakhulu, niyabo, ngoba ngiyazi ukuthi kusasa nguMsombuluko, futhi ni. . . abanye benu uzosebenza. Bukani, baletha. . . Lona—lona wesifazane waletha lenhlaka, lokho okugcotshiwe into ethize edulayo,

ukususa iphunga lokufa. Futhi wawephula lomfuma wealabaste wase ewuthela phezu kwekhanda likaJesu. NoJuda wathi, "Ngani, lokhu bekufanele kunikezwe abampofu." (Kwathi, "Kungesikho ukuthi wayenokuhlonipha abampofu, kodwa wayeyisela kwase kuqaleni, wayephethe imali.") Wayesethi, "Lokhu ngabe kuthengisiwe, esikhundleni kubekwe . . . "

87 Futhi uJesu wathi, "Myeke! Ngokuba wenze lokhu . . . " WaMgcoba, ekumbelweni kwaKhe. Niyabo? Lona wesifazane, enokubonga kakhulu ukuthi izono zakhe zazithethelelwe waze wachitha yonke imali yakhe ayenayo, wayesethatha umfuma wealabaste wase ewephula wase ethela amafutha futhi nje wanukisa ikamelo ngephunga elimnandi lalenhlaka, ayeMgcobele ukufa kwaKhe. Manje, niyabo, wenza inkonzo engazi ukuthi wayenzani, kodwa wayebonge kakhulu kuNkulunkulu.

88 Futhi uma ubonga kakhulu ngoKhisimuzi, akusikho ukuthi, "Ngi—ngipha oJoneses isipho; futhi babuye bangiphe esinye, ngizobona ukuthi nginani ekuseni." Awuvuli ngani inhliziyo yakho bese ubona ukuthi khonani phakathi lapho, uthole ukuthi unani phakathi *lapha*. Futhi wemukele . . . uma siyithola ingenalutho, inezivumokholo eziphikisanayo nje ne—ne—neminako yezwe, awumceli ngani uKristu ukuba ayigcwalise kulobubusuku na? Kulobubusuku, ukuze uthole incazelo yangempela kaKhisimuzi. Ngu—nguKristu kuwe; uNkulunkulu, ehlezi enhliziyweni yomuntu. Uchaza lokho–ke uKhisimuzi wengempela.

89 Kodwa, niyabo, namhlanje sibangababaphikisayo kakhulu. NguDeveli esedlulisa lapho, (kunezinti zikaswidi ezipendiwe, ne—nenyamazane ireyindiye ne—nendoda enobuhwanqa, futhi indizela emoyeni njengebhanoyi, futhi ivakashela umhlaba wonke nawo onke amakhaya nenyanda yamathoyizi emhlane wayo, futhi ivakashela bonke abantwana) futhi ku—kungamanga nje! Nje ku, ngqo, ngamanga. Niyabo? Manje, niyabo? Kodwa kungani na? UDeveli wenza lokho ukuze asonte imiqondo yabantu.

90 Izwe lezohwebo lingene kukho futhi ba . . . Ngani, benza okwenele ngesikhathi sikaKhisimuzi sebengaze bathathe umhlalaphansi unyaka wonke, cishe impela. Ngakhuluma nomhwebi ngoluny'usuku, wathi, "Nginike lamaviki amabili, futhi uma ngingadingekanga ngigcine ibhande lami lapha," wathi, "Ngizolinda kuze kube uKhisimuzi olandelayo; bengingahamba ngiyodoba, noma yini engifuna ukuyenza, kuze kube nguKhisimuzi olandelayo." Wathi, "Kodwa ngigcina abafana behamba." Wathi, "Ngibagcine lapha nje ngokwenele nje ukugcina ibhizinisi lami livuliwe futhi kugcina—kugcina izandla zami zikhokhile nezinto." Wathi, "Angenzi lutho kuze—kuze kufike isikhathi sikaKhisimuzi." Niyabo,

sekuphenduka kube yinto enkulu yezohwebo kanti bekufanele kube ngukukhonza; ukukhonza.

91 Manje, uNkulunkulu, wamgcoba kakhulu uJesu ngokugcwala kwaKhe uqobo kwaze kwaba yi... WayeyiSipho sikaNkulunkulu kulo izwe. Ukuthi izazi zikhonjwa ngokucacileyo, ukuthi zinikela ngesipho sazo kuYe; kwakukhombisa ukuthi enhliziyweni yazo zazimazi ukuthi Wayengubani, nokuthi Wayezozenzela ini. Ngakho (akumangalisi) into yokuqala ezayenzayo, zawa phansi, ngokuhlelekile ngokupheleleyo, futhi zakhuleka kuYe. Ngaphambi kokuba ngisho zikuqonde, zawa phansi futhi zakhuleka kuYe zase–ke zethula izipho zazo. Yileyondlela yokuba noKhisimuzi wangempela: khuleka kuYe, bese wethula isipho sakho; wethula umzimba wakho njengomhlatshelo ophilayo, wonke futhi omukelekayo kuNkulunkulu.

92 Kodwa niyazi ukuthini, emva kokuba izazi sezenze lokho na? Ubaba nomama kaKristu...usingababa (kusobala) kanti nomama futhi, ngoba uNkulunkulu wayeyikho kokubili ubaba nomama waKhe. Kodwa sithola ukuthi bemukela lezizipho kulezizazi. Akumangalisi zazibizwa ngezazi. Zaziyizazi. Ngempela zazi...zazinokuhlakanipha. Ukuba amadoda namhlanje abengahlakanipha kanjalo nje, njengokuhlakanipha nje! Kuthatha isazi ukuza kuKristu. Indoda eMfulathelayo iyindoda engahlakaniphile. Kodwa kuthatha isazi, ukuza kuKristu.

93 Manje qaphelani! Futhi emva kwaleyonkathi izazi ziMkhomba Ayezoba yikho, futhi siyathola ngomBhalo kuyilokho impela Ayeyikho: ubuNkulunkulu enkonzweni yokufa. Enzelani na? UbuNkulunkulu enkonzweni kuNkulunkulu yokufa. UJesu wayengubuNkulunkulu enkonzweni yokufa, ukuhlenga izwe. Kodwa izwe lenzani kuBo na? BaBala. BaBenqaba. Ngani na? Abanye babo, ingxenye enkulu yabo, yenza lokho ngenxa yalokhu: ngoba Wafa! Bathi, "Wayengebe ngubuNkulunkulu futhi afe." UMuntu (umzimba) wawungesibo ubuNkulunkulu, kodwa ubuNkulunkulu babusemzimbeni. Lomzimba uzofanele ubhubhe. Yena impela uKristu okuwe uyiyonanto kuphela engakuvusa. Lobo ngubuNkulunkulu, uNkulunkulu kuwe.

94 Manje, qaphelani! Manje, kuyafana namanje, benqaba ubuNkulunkulu obukhonjiwe. Niyakuthola na? Impela bayofaka igama labo encwadini yebandla bese bethi, "Ngizozama ukuphila ngalesisivumokholo." Bayothatha isifungo ngalokhu. Kodwa uma sekufika ekwemukeleni ubuNkulunkulu, futhi babuye bezwakalise uhlobo olufanayo lwesipho njengoba benza...ukuthi ukhonjwa ngesipho sakho, ukuthi unikeza bonke ubuwena kuBo, ebuNkulunkulwini obukhonjiwe. Khona–ke uzibandakanya nobuNkuklunkulu,

ngokunikela ngakho konke oyikho, oyikho, kubuNkulunkulu qobo lwaBo.

95 Manje, uKristu kulolusuku, manje esiphila kulo, usalokhu eyiDei-. . .ezikhomba Yena uqobo: UbuNkulunkulu, phakathi kwabantu. Useyibo ubuNkulunkulu, ngoba UyiZwi. Futhi uma sibona iZwi liziphilela Lona, khona–ke siyazi ukuthi umuntu angekwenze lokho. NgubuNkulunkulu iZwi libonakaliswa ngomuntu. NoJesu washo qobo lwaKhe, "INdodana ingenze lutho ngokwaYo. Ngingenze lutho, NginguMuntu," uJesu washo. "Kodwa uBaba waMi ohlala kiMi, UNgibonisa zonke izinto ezenziwa nguYe uqobo." Amen! Nakho lapho okhona! Kuyini na? UbuNkulunkulu bukhonjwa kumuntu. Manje, into efanayo inamhlanje; lobobuNkulunkulu, iZwi elithenjisiwe lalolusuku, lingazikhomba Lona uqobo kuwe. Amen! Manje–ke ungababambelela kuLo na? Ukhombise ukuthi uyakholelwa kuLo. Linike ubuNkulunkulu: Likholwe, inkonzo, futhi ulungele ukuphela kuwe uqobo nemicabango yakho uqobo. Kodwa namhlanje Liyenqatshwa njengoba Lalinjalo ngaleyonkathi.

96 Qaphelani, uNkulunkulu wahola oMegi nalezozipho. Okweminyaka emibili ngempela, balandela leyoNkanyezi. Niyabo? Futhi lokho kukhombisa ukuthi yaYingeke ibe ngenye yezinto zemvelo eyenzeka. Niyabo? Ngoba uma izinkanyezi, zinqamula imikhondo yazo, beziyokunqamula, bekuyokhombisa ukuthi bekukhona into ethize ehlukile. Ngoba. . .ngaphandle uma laboMegi beYibonile, isikhathi eside ngaphambi kokuba kwenzeke, futhi bazi ukuthi babefanele banqamule leyondlela; niyabo, ezindleleni zezinyawo ababeza ngazo. Futhi banqamula nje eBetlehema ngalesosikhathi, beqale phezulu lapho, ngaphambili, bazi ukuthi lezizinkanyiso zasezulwini zazihamba ngaleyondlela.

97 Manje, uNkulunkulu wahola oMegi ngoba babenezipho ezifanele. UNkulunkulu wahola lezizazi ngoba zazinesipho esikhonjiwe esifanele ukukhomba iNdodana yaKhe. Uuuuuh, he! Niyakuthola na? Izazi namhlanje, ezihlakaniphile eGameni leNkosi, hhayi ngamanga athize okuthize, kodwa ngesipho uNkulunkulu asithembisa salolusuku, noNkulunkulu uyokuhola ukukhomba ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Nakho lapho okhona: izazi!

98 UNkulunkulu wahola lezozipho ngoba zaziyizipho ukukhomba Yena. Izazi, namhlanje, ezingabuka kude ziqhele ebusontweni nazozonke izinto zezwe, ziye eZwini likaNkulunkulu eliPhilayo! NoNkulunkulu uyokhomba iNdodana yaKhe ngeZwi laKhe, ngoba yiLokho Ayikho. "Mina noBaba waMi simunye." Futhi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." NeZwi elifanayo namhlanje, Nguyena izolo, namuhla naphakade. Nesazi silandela Lokho, ngoba Lokho yikhona uNkulunkulu

akunakekelayo ukuzikhomba Yena uqobo ngaKho. Amen! Isipho! Esangempela, isipho sikaNkulunkulu esikhonjiwe, uNkulunkulu uletha lokho emhlabeni, into enjengaleyo, ukuzikhomba Yena uqobo ngakho.

99 Futhi wakhonjwa kanjalo–ke uKristu: ngegolide, inhlaka, namakha, ngalawo madoda ekhombisa kungakenzeki futhi ekhombisa ngesifanekiso ukuthi impilo yaKhe yayizobanjani. Niyabo? UbuNkulunkulu bubonakaliselwa inkonzo, ukufa ukuze Yena ahlenge isizwe, ngoba Wayezo "sindisa abantu baKhe esonweni sabo." Hhayi asindise izwe, asindise abantu baKhe esonweni *sabo*. IBhayibheli lasho lapha, "Ngokuba e— eGameni laKhe abeziZwe bayokwethemba." Niyabo? AbaziZwe bayokwethembela eGameni laKhe. Amen! Ngamany'amazwi, uMlobokazi, o*bizelwe ngaphandle* wabaziZwe, uyothembela eGameni likaJesu Kristu. "EGameni laKhe abaziZwe bayothembela." Manje, uNkulunkulu wabahola, ngokuba babeyi . . . izipho ababezinikeza, zazisifanela isikhathi.

100 Qaphelani! Njengoba ngishilo, uNkulunkulu une . . . Wa— Wahlukanisa iZwi laKhe ekuqaleni, kuGenesisi. Ngingathatha uGenesisi futhi nginikhombise yonke iminyaka eBhayibhelini, kwehle njalo kuya kulonyaka lapha. Zonke izinkoloze nezinto esinazo namhlanje, ngingenikhombisa ngqo lapho ezazikhona kuGenesisi. Niyabo?

101 UNkulunkulu wanikeza iZwi laKhe elingaka *lapha*, elingaka *lapha*, elingaka *lapha*, lonyaka ngamunye. Wabe–ke Esethuma umprofethi phansi, egcotshiwe ukwenza leloZwi lifezeke, futhi lesekela elinye elaliza. Niyabo, njengoMesiya, njalo lalesekela. Wonke umprofethi empilweni yakhe uqobo, ubuyena uqobo, iZwi elanikezelwa lalowonyaka, uyafika futhi wagcwalisa leloZwi elilotshiwe futhi washo kungakenzeki okwalokho omunye ayezoba yikho. Futhi bonke bakhuluma ngaYe (amen) ngoba Wayengukugcwala, WayeyiNhloko yabaprofethi, WayeyiZwi likaNkulunkulu, Wayengabaprofethi. Amen! Nango. Qaphelani! Kumangalisa kanjani Ayeyikho: ngamunye walabobaprofethi.

102 Manje–ke ngenkathi Efika, Wayengukugcwala kwabo bonke abaprofethi, wabonakaliswa; ngoba babeyiZwi leNkosi, futhi Wathi qobo lwaKhe, "Uma nibiza labo onkulunkulu, eliza kubo iZwi likaNkulunkulu, ningangilahla kanjani Mina uma Ngithi 'NgiyiNdodana kaNkulunkulu'?" Niyabo, ngisho nalabo kulowonyaka wayekhonjwa njengonkulunkulu, uNkulunkulu wababiza, qobo lwaKhe, "ngonkulunkulu." Babeyini na? Babeyizibonakaliso zeZwi laKhe. Futhi nangu Wayelapha, ukugcwala kweZwi, ubuNkulunkulu bufakwe emzimbeni, ubuNkulunkulu bubonakaliswa enyameni.

103 Bhekisisani! Ngalezizipho, lamadoda azilethayo, ayengenakukuletha lokho kumprofethi. Kwakungeke kulunge.

Niyabo? Lezozipho zazingeke ziye kuElija, zazingeke ziye kuMose, zazifanele zize kuYe. Futhi kungukuthi lezozipho zaziqondiselwe ngqo lolosuku, futhi kwakuzokhomba ukuthi WayenguBani ngalezizipho, manje–ke nakho kufika uNkulunkulu wayeseMvikela. Wayesewagcina, iminyaka emibili ezansi lapho, aze athola ukuKhanya okuPhelele. Kufanelana kahle kanjani nje!

104 Into efanayo namhlanje. Sinabantu othembeke impela nje, abantu abakahle, abantu bangokoqobo. Kodwa, niyabo, kulokho, kuzoba nento ethize evelayo, uNkulunkulu abehlale eyenze njalo, ukukhomba lolusuku. Yilolu usuku lapho lezizinto ezikhulunywe ukuba zenzeke ngalo. Abayikuba baningi, nje abambalwa impela, impela abayosindiswa. IBhayibheli lasho njalo. Kuyoba abangangesandla nje.

105 UJesu washo qobo lwaKhe, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, lapho kwasindiswa imiphefumulo eyisishiyagalombili." Imiphefumulo eyisishiyagalombili, e—esizukulwaneni esifaniswa nalesi. "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa." Kwakuyini na? Abakhulu, abantu abaphucukile, abasebenzi abakhulu, abakhi abakhulu, yonke into enkulu njengoba babenayo. Benza lempucuko njengayo nje, izinto ezinkulu ababenazo. "Futhi njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yoMuntu." Niyabo? NoNkulunkulu wayenoNowa ukuba akhombe iZwi laKhe elithenjisiwe. Kwakufanelana impela. Umkhumbi wawufanelana neZwi likaNkulunkulu alikhuluma, ukuthi "Uyobhubhisa umuntu." Kodwa wasindisa angakusindisa.

106 Manje, lezizazi, ziletha izipho zazo, zakhomba. Izipho zazo zakhomba ukuthi Kwakuyini, futhi yingalesosizathu uNkulunkulu avikela lezozipho kuwowonke umnyakazo ezawenzayo. WaKuvikela zaze zafika nalezozipho, ngoba zazifanelana nesikhathi. Ngabe ibandla lami liyakuqonda lokho na? Yilokho okwenzekayo manje! Ngithemba ukuthi akweqi phezu kwekhanda lenu. Ngifanele ngikukhulume ngomfanekiso, cishe impela, niyabo. Kodwa niyabona na? Yizinto eyenzekayo ifanelana nalolusuku, iLawodikeya. Yisikhathi esifanelanayo, yingalesosizathu uNkulunkulu eKuvikele. Niyabo, waKuletha kwedlula ngqo ukuba azikhombe Yena uqobo. Izipho, nakuba kwabiza ukufa, kwabeka isikhubekiso endleleni yawo. Yisikhathi esifanelanayo, kunjalo, esifanelana nosuku. Yingalesosizathu uNkulunkulu eKuvikele, indlela Akwenze ngayo. UyoKuvikela, kuze kufezwe inhloso yaKhe.

107 O, ngafunda indaba, ifika emqondweni wami kungekudala, ngento ethi ayifane naleyo. Kwakukade kukhona idolobha elikhulu, lapha kulesisizwe, ne. . . INew York. Futhi kwakungosuku oluphambi kukaKhisimuzi. Futhi kwakunomndeni ompofu. Ubabayi omncane, wayene TB, futhi

waye. . . nomkakhe wayeneTB. Babekade bencishwe amathuba. Futhi wa—wathi uku. . . Wayenobuthakathaka futhi ngakho akukho muntu owayemqasha. Wayengenamfundo, futhi u—u. . . abantu babengamfuni.

108 Wayeyisilahlwa nje, uba ngumalalepayipini. Nje. . . niyazi ukuthi yini umalalepayipini, uyazihambela nje futhi—futhi acoshe okuthize, futhi uhambe uthengisa ngakho bese uthola ongakuthola; imadlana abayenza ngakho, bazama ukuphila ngayo. Nje i. . . njengohamba ethengisa noma okuthize, emgwaqeni; ahambe ayothenga ophini nezinalithi nezivikela-munwe, nanoma yini abangayithola. Futhi—futhi bayithathe, futhi—futhi mhlawumbe bathenge okwendibilishi iphakethe, bese bekuthengisa ngozuka; futhi benze amasente amane ngephakethe, futhi mhlampe ngosuku. Wena uthi, "Lowo ngu—lowo ngumhlomulo omkhulu." Kodwa cabanga nje, konke uyokuthengisa ngosuku. Mhlampe wayenza amashumi amabili, amasente angamashumi amathathu ngosuku, futhi wayenomndeni.

109 Futhi u—unkosikazi omncane, ebuthakathaka, wa—wafa.

110 Futhi kwase kuza isikhathi sikaKhisimuzi. Nentombazanyana, yayisiphathwe. . . isifo sendlala, ngokungabinakho ukudla okufanele nento; yaphathwa yiTB, nayo. Futhi yayingumfo omncane, futhi icishe ibe nesishiyagalombili, iminyaka eyisishiyagalolunye ubudala, ishumi. Futhi yayingakaze ibe nonodoli kaKhisimuzi. Futhi yilokho eyayikufunela ukuba isipho, kwakungunodoli.

111 Nobaba, engakwazi ukuyinikeza ukunakekela ngokwezemithi kanjalonjalo, wayekade. . . u—uyibonile intombazanyana yayihamba ngokushesha, futhi wazama ngawo onke amandla akhe uku—uku—uku—ukuthola imali eyenele kanyekanye ukuba ayithengele unodoli kaKhisimuzi; uma nje wayengathola imali eyenele ukuba ayithengele unodoli omncane! Futhi ngakho isikhathi sikaKhisimuzi sasesizofika, kwangena isimo esibi sezulu, intombazanyana yaphathwa uhlobo oluthize lwenyumoniya, yase—yase ifa, amaviki ambalwa nje ngaphambi kukaKhisimuzi. Nobaba, kusobala, ephukile enhliziyweni, waya ekanini lakhe lethini elincane wayesekhipha imali. Futhi wacabanga ngentombazanyana yakhe, futhi yayifuna u—unodoli njengamantombazanyana. Niyabo, ngumama omncane ozayo.

112 Niyaqaphela ukuthi ikanjani intombazanyana, iya kunodoli, ngoba i. . . leyo yimvelo yayo, ingu—ingumama ozayo. Izoba ngumama ngoluny'usuku uma iphila nakho konke. Niyazi, imvelo yayo. Yingalesosizathu intombazanyana ithanda unodoli omncane, ifuna ukuwunakekela; ngoba empeleni, i—ingomncane, sekungashiwo, u—u—umama omncane.

113 Futhi yayifuna unodoli omncane, futhi yayingakaze ibe nawo. NoBabayi wayezibekele yonke into ayengayibeka ukuba—ukuba ayithengele unodoli omncane. Futhi, ngakho, yafa.

114 Nobaba ethe ukweqelwa yingqondo. Umkakhe wayesethathiwe, intombazanyana yakhe, nengqondo yakhe yathi ukufika endaweni waze wa—wa . . . Noma kunjalo waye—wayeya kolala njalo ebusuku futhi akhulume kulentombazanyana, nakuba yase i . . . isingcwatshiwe. Kodwa wayecabanga ukuthi waye wayekhuluma nayo, futhi eyitshela, "Manje, S'thandwa, akusekude, noBabayi uzokuthengela lonodoli kaKhisimuzi. No—noBabayi wakwethembisa unodoli, futhi ngi—ngi—ngizowuthenga."

115 Ekugcineni, uKhisimuzi wafika. Futhi, kusobala, niyazi ukuthi kukanjani. Abacebile babenawabo—amaphathi abo amakhulu; na—namakhandlela evutha, namamisa amakhulu aphakeme emabandleni, futhi bekhuluma ngoJesu ka—kanjalo njalo (amabandla ayenjalo), futhi edlula kulolonke uhlobo lwemidanti yemisebenzi ngokulandelana kwayo nemisa, nokucula, namaculo kakhisimuzi nakho konke. Babazi kancane ukuthi kwakwenzekani emuva endleleni enqamula phakathi kwezakhiwo, emva kwakho konke lokhu.

116 Lomfo omncane emuva lapho, futhi wasangana. Wayefuna ukuba leyontombazanyana ibe nalowonodoli kabi kabi, ngoba yayiwucelisise kanjalo lonodoli omncane. Ngakho waphuma wase eyithengela unodoli omncane wezidwedwe, into encane—encane, mhlawumpe cishe amasente angamashumi amathathu; into encane engcolile ethize ayeyithengile, ezansi eceleni komgwaqo. Futhi kwakungubusuku obabumakhaza ngempela i—i—imimoya enesiphepho esineqhwa ivunguza, iqhwa likhithika kanzima lapho; neNew York, ogwini impela.

117 Nemigwaqo igcwala; nabantu bekwezabo ezinkulu, izimoto ezinkulu amalimozini. Namaphathi abadakiwe, phandle bephuza, umgubho wokuzalwa kukaKristu nowalezizinto esikhuluma ngazo kulobubusuku, bezama ukucabanga ukuthi leyo yindlela efanele ukukwenza; nje bephuza izinsizi zabo ezindala nezinto, nokuthi leyo yindlela yokukwenza. Bonke . . .

118 Ngimi esitolo, ngoluny'suku, nowesifazane exoxa ngalokho oku . . . amantombazane amabili ahlangana futhi ayefuna ukwazi ukuthi amthengeleni ubabayi wawo. Nenye yawo yathi, "Awu, u . . . " Yamthengela ikhathoni lohlobo oluthize losikilidi. Nenye yathi imthengele owesihlanu kagologo ne—ne—nepaki lamakhadi. Manje uma lokho kungesikho ukunikela isipho sesikhumbuzo sokuzalwa kweNkosi uJesu Kristu! Futhi yileyondlela okuhamba ngayo, niyabo, isixheke nje esikhulu sokucwebezelayo. AsinaKhisimuzi kuso nhlobo.

119 Futhi ngakho siyathola manje, lendoda encane, yayihamba imangala. Futhi yayazi enhliziyweni yayo intombazanyana yayo

yashona, kodwa yahamba futhi yathenga unodoli noma kunjalo. Futhi yacabanga, "Ngizoqala nje ukuhamba, ngizoyithola ndawo ndawo. Izobe ingasemgwaqeni lapha futhi ngizoyithola." Futhi yaqala ukuhamba.

120 Ya—yayingena kuzenza isilima, yayingekho emuva lapho endlwaneni encane nakomncane, omanikiniki, umbhede ongcolile; kodwa, yayisingcwatshiwe. Ngakho, ya—yayazi. Yayicabanga ukuthi izoyithola emgwaqeni. Yathi, "Ngizoqhubeka nje ngihamba." Futhi yayihamba yehla ngezindlela ezinqamula phakathi kwezakhiwo, besacula amaculo abo kakhisimuzi futhi beqhubeka. Futhi yehla ngendlela enqamula phakathi kwezakhiwo, iphethe lona omncane, unodoli ongcolile; iwuphethe ebhantshini layo, iwuphakamisele enhliziyweni yayo, icabanga ngentombazanyana yayo.

121 Futhi ekugcineni iphoyisa kwenzeka layibona, nephoyisa lalithe ukushaya kancane qobo lwalo, futhi lagijimela endleleni ephakathi kwezakhiwo lase liyidumela indoda endala lase liyiphendula. Lathi, "Wenzani ulenga lapha na?"

122 Yathi, "Ngihambisa lonodoli omncane, mnumzane, entombazanyaneni yami."

123 Lathi, "Awu, wakhephi?" Futhi yalitshela lapho yayakhe khona. Lathi, "Awu, uyaqhela kuleyo ndawo, udakiwe. Buyela emuva ngenye indlela."

124 Yathi, "Mnumzane, a—angidakiwe. Ngethembisa intombazanyana yami ukuthi ngi—ngiyoyithengela isipho sikaKhisimuzi." Yase ithi, "Isipho esifanele sentombazanyana ngunodoli omncane."

125 Lase lithi, "Ake ngiwubone." Ngakho–ke yalikhombisa omncane, othi awungcole, unodoli wezidwedwe. Futhi yayiwubambe kwesayo . . . eceleni kwesifuba sayo, iphethe unodoli omncane lapho i . . . Ngakho iphoyisa, lidakwe uhhafu, qobo lwalo, layishovela phambili yase iqala ukwehla. Ikhehla lehla ngendlela enqamula phakathi kwezakhiwo, neqhwa likhithika ngokushesha.

126 Futhi, awu, amaphathi aphakathi nobusuku athi bhidli. Ngokusa okulandelayo, iqhwa lase liyekile, ilanga lase liphumile. Futhi ngakho bafanele . . . ˆbonke abantu bevela emaphathini abo amakhulu okutamasa waye . . . ˆamasaka ama ayisi emakhanda abo, ngenxa yokuphuza kakhulu nomgubho woku—wokuzalwa kukaKristu. Na—nabaningi babo babeshe amazwi ngenxa yokuqhubeka, kukho konke ukuqhubeka.

127 Kodwa ezansi le endleleni enqamula phakathi kwezakhiwo, balithola ikhehla. Futhi ngenkathi beliphendula, lalinonodoli omncane eceleni kwenhliziyo yalo. Ngicabanga ukuthi lasithatha isipho salo lasiyisa kuyo. Layithola eZweni hhayi lapha. La—la—lasithatha isipho. Kwakuyisipho esifanele.

(Nkulunkulu, onesihawu.) Nokho kwabiza ukufa kwalo. Ayikho enye indlela ezweni elalingayinika ngayo isipho, yayisingcwatshiwe. Kodwa indlela kuphela elalingakwenza ngayo, kwakungukuba lihambe kanjalo. Unodoli omncane wawungasho lutho kangako, ngiqagele, unodoli omncane obuso bungcolile, kodwa ku . . . lawenzani na? Wagcwalisa isithembiso elalisenzile. Akunandaba ukuthi abantu babecabangani ngawo, izandla zalo ezingcolile, komncane, unodoli ongcolile, kodwa wa—wagcwalisa isithembiso entombazanyaneni yalo.

128 Ngezinye izikhathi babuka iVangeli njengokucula, ukudlala, babengaLifuni ngenkathi uNkulunkulu eLiletha, kodwa lagcwalisa isithembiso ukuthi Wayezonikela ngeNdodana yaKhe. Futhi niyazi ukuthini? BaYishiya ukuba ife, nayo, njengomalalepayipini nje emgwaqeni. Kunjalo impela, baYishiye ukuba ife njengomalalepayipini emgwaqeni. Futhi namhlanje baYiphathisa okukamalalepayipini emgwaqeni, kodwa Yakugcwalisa lokho Eyayifanele ikwenze. YayiyiSipho uNkulunkulu asethembisa ezweni.

129 Kulobubusuku, mangiMthathe njengoMsindisi wami, enhliziyweni *yami*. Mangihambe ebusweni bokufa kwami, kumbe noma ngabe kuyini, kanjalo. Ngethembisa impilo yami kuYe. Ngifuna ukuyiyisa kuYe. Akunandaba ukuthi ngizofanele ngiyephi, uma ngizodingeka ngedlule ekufeni, uma ngizodingeka ngidutshulwe; akunandaba ukuthi kwenzekani, ngizodingeka ngihlekwe, ngabizwa ngo "hlanya," yonk'into, ngaxoshwa kuwo onke amabandla amaKristu kanjalonjalo, ngi . . . yisipho sikaNkulunkulu engisiphethe enhliziyweni yami. Wasinikeza, ngifuna ukusiyisa kuYe.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

130 Izipho ezifanele engikhuluma ngazo, kwakuyisipho esifanele ngoba intombazanyana . . . yayiyintombazanyaa, nayo, umama omncane (yayiyoba nguye), isipho esifanele sasingunodoli omncane. Isipho esifanele uNkulunkulu, uMdali, ayengasipha okwaKhe okudaliweyo, kwakuyoba nguMsindisi ukuba asisindise esimweni esasikuso. Ngiyamangala, kulobubusuku, njengoba sisondela kuKhisimuzi manje, futhi ngicabanga ukuthi kuzoba ngumlayezo wokugcina esiwuzwayo phakathi kwamanje noKhisimuzi, ngaphandle uma sithola umlayezo womsakazo womunye.

131 Ngiyamangala, kulobubusuku, uma semukele iSipho uNkulunkulu asithembisa sona: ukuPhila okuPhakade, ukukholwa kuKristu nokwemukela uMoya oNgcwele. Uma ungakamemukeli, ungathanda ukwemukela esangempela sikaNkulunkulu, isipho sikaKhisimuzi sangeqiniso, ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi, "Mfowethu Branham, a—angazi, ngike—ngike ngaSikholwa. Futhi ngike

ngabhekisisa izinto engizenzayo. Futhi ngithi uku, kancanyana, ngokungabaza." Ninga—ningabe nisaSingabaza, bangane.

132 Niyabo, se—sekuleyithi kakhulu ukuhamba singabaza manje. Asiqiniseke ngempela ngakho. Uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham, futhi ngifuna uku. . . ISipho sikaNkulunkulu kulo izwe, nguJesu Kristu. Ngi—ngi—ngifuna lona kube nguKhisimuzi wangempela. Ngemukela uMoya oNgcwele enhliziyweni yami. Obungangikhulisa ngedlule kuzo zonke iziphepho zokuphila, futhi ngolunye usuku ngingafika eBukhoneni baKhe nalesisipho sokuPhila okuPhakade. Uyongemukela phezu kwalezozisekelo, yileyondlela kuphela Ayokwenza ngayo."

133 Noma, ninaso isipho esiyiso kulobubusuku na? Uhlobo oluyilo lwesimo sokuziphatha na? "Baba, ngizoKulandela noma Uyaphi. Noma yini Othi 'Yenze,' ngizoyenza. Noma yini iZwi laKho elithi kimi, 'Yenze,'" ngizoyenza. Yebo, Mnumzane, angikhathali ukuthi wonke omunye umuntu uthini, ngizoyenza ngoba ngifuna iSipho saKho; ngukuPhila, noKristu uyiZwi.

134 Uma ungenakulikholwa lonke iZwi, futhi uthi, "Awu, angazi, ngi—ngiyakukholwa lokho. . . *lokhu*, ngiyakukholwa *lokho*, kodwa nje ngeke ngahamba *lokhu*, ngeke ngahamba *lokho*." Ufana nabangamashumi ayisikhombisa abamukayo. Bangelivume lonke iZwi futhi bemukele uKristu ekugcwaleni kobuNkulunkulu baKhe nenkonzo yaKhe; futhi balungele ukufa njengoba Anenzela khona.

135 Manje–ke ungasiphakamisa nje isandla sakho, nekhanda lakho likhotheme, futhi uthi, "Ngikhulekele"? UNkulunkulu akubusise. NoNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, ntombazanyana. O, uNkulunkulu akubusise. Yebo, ngiyasibona isandla sakho. INkosi ikubusise, impela. LesiSipho esincane, sikaKristu, uNkulunkulu asithumele ezweni; futhi waSikhomba nge. . . oMegi baSikhomba, ukuphila kwaKhe uQobo kwaSikhomba, ukufa kwaKhe kwaSikhomba, ukuvuka kwaKhe kwaSikhomba, ukuvuma kwakho kwaSikhomba, futhi Uzibandakanya Yena uqobo nawe ukuthi ungowaKhe naye Ungowakho. Uma ngempela unga. . . niyabo, indlela ophendula ngayo kaMoya kaNkulunkulu usebenza kuwe, ngalenkathi kaKhisimuzi, kwangathi ungeza kuwe manje.

136 Baba waseZulwini, njengoba sibhadazela njengomalalepayipini emgwaqeni, akukho muntu owayenokumsebenzisa. Izwe lahamba laqonda phambili emigubhweni yabo ewubuwula, banjalo nanamhlanje, Nkosi. Kodwa ngezinye izikhathi sizizwa njengalowo malalepayipini, kodwa sisivumile iSipho. Ngakho siyakhuleka, Baba, ukuthi Wena uzosenza sibe isipho, sokuphila, kulelizwe elifayo. Abaningi lapha baphakamise izandla zabo ukuthi bafuna iSipho

sikaNkulunkulu Ayezo, qobo lwaKhe, nikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, yehla iba nguMuntu. Wazehlisa waba phansi kakhulu abazange ngisho. . . Uza phansi kakhulu futhi uzithoba kakhulu Uze a. . . babengenawo ngisho umbhede wokuba azalelwe kuwo. I—i—inkomazi yadingeka i. . . noma ihhashi noma enye into yafanele inikele ngomkhombe wayo, ibuyela eceleni, (isilwane) izidalwa ezingabantu zazingene kangako esimweni esasikhona. We—Wehlela e—emkhombeni, isitebele esingumgede omdala omncane eceleni kwegquma lapho eBetlehema, lapho indodana yesifebe yayisungule umuzi omncane eminyakeni eminingi ngaphambili.

137 Futhi manje, Nkosi, sithola ukuthi ngobunye ubusuku, ubusuku obubandayo, kwathiwa kuYo, "Rabi, sifuna ukuya ekhaya naWe kulobubusuku."

138 Futhi Yathi, "Awu, manje, izinyoni zinezidleke, ne—nezimpungushe zinemigodi, kodwa A—A—Anginayo i. . . ngisho indawo yokubeka ikhanda laMi." Futhi yileyondlela abaMyekela ngayo afe, njengomalalepayipini emgwaqeni.

139 Baba waseZulwini, u—umKristu anga, abantu namhlanje bangabona ukuthi—ukuthi Leso yilesoSipho esikhulu na? Futhi abaningi lapha, kulobubusuku, abangaphezu kwedazini, ngiqagele, baphakamise izandla zabo ukuthi bebefuna ukwemukela uMoya oNgcwele. Kwangathi nje lapho bangafana nezazi, mhlawumbe akukho noyedwa webandla lonke oyoke ngisho abone ukuthi kuqhubekani. NaleNkanyezi, lokhu kuKhanya okufihlakele kwedlule phezu kweziboniso zezulu, iminyaka emibili, lapho abantu babegcina ngisho isikhathi ngalenkathi ngemilindo emine, babegcina isikhathi ngezinkanyezi. Akukho muntu, akukho somlando owabhala ngakho. Akukho noyedwa owake wazi ngaYo, futhi nokho Yayilapho. Nalezizazi, nesipho sazo esifanele, saholwa sedlulela kuYo ngqo. Kwangathi lokho kuKhanya okufanayo kungangena kuyoyonke inhliziyo, lapha kulobubusuku, ehlezi ikhona. Kungahle kungabi namadlingozi, kungahle kungabi na*lokhu*, *lokho*, futhi mhlawumbe akukho noyedwa omunye oyokwazi, njengezazinje. Kodwa kwangathi okuthize kungaxazululwa kakhulu kulababesilisa, abasifazane, izinhliziyo zabafana namantombazane kulobubusuku, ukuthi lesoSipho sikaNkulunkulu siyogcoba impilo yabo. Ukuthi kusukela kulobubusuku kuqhubeke, bazoguqulwa. Abasayikuphinde bafane nalokho ababevamise ukuba yikho. Kuzoba khona i—isidalwa esiguquliwe kusukela manje kuqhubeke. Kwangathi banga, njengezazi, chezukela eceleni futhi bangabuyeli emuva ezimfashinini zezwe (noHerodi, isigodlo senkosi), "Kodwa zixwayisiwe nguNkulunkulu, zaphambuka." Siphe khona, Nkosi.

140 Kulobubusuku ngikhulekela ukuthi sonke isazi, umfana, noma intombazane, phakathi lapha kulobubusuku. . . Owesilisa

noma owesifazane ohlakaniphe ngokwenele ukuphambuka esuka ezintweni zezwe kulobubusuku, ungabe usabuyela emuva emva kwalolusuku. Emva kokudlula kwalolu—lolusuku nobusuku, kwangathi bangephinde babuyele emuva ezintweni zezwe, kodwa kwangathi bangahlakanipha. NaleliPhimbo elincane elifihlakele elibangele ukuba baphakamise isandla sabo futhi bathi, "Yebo, ngifuna iSipho sikaNkulunkulu"... Kwangathi leyonto efanayo ebabangele ukuba phakamise isandla sabo, bezibandakanya kulobubusuku nokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, ngokubanika uMoya oNgcwele. Kwangathi bangaphambuka.

141 Kwangathi laba besifazane lapha kulobubusuku, Nkosi, obenesikhathi esinzima kanje ekumvimbeleni ekubhekaneni nezwe; kwangathi izinwele zabo zingakhula, futhi bagqokise okwenenekazi, futhi basuse labopende nezinto, lokhu kokwenziwa, lokho kukhombisa...ku—kuwuhlobo lokubakhomba ukuthi abaphilile, ba...kukhona—kukhona okungalungile. Futhi kwangathi kulobubusuku, lokhu kuKhanya okufihlakele, Nkosi, okubabangele baphakamise izandla zabo, kwangathi bangathi, "Nkosi, ngiphambuka ngisuka ezintweni zezwe, kulobubusuku."

142 Lawa indoda engakaze ibe ne—ne—nento yangempela, ebizokhuluma emakhosikazini awo futhi iwabangele ukuba aphambuke; nezinto azenzayo. Kwangathi singathi sonke kanyekanye, Nkosi, siphambuke nje kulobubusuku, sixwayisiwe nguNkulunkulu ngomlayezo omncane oxakile woku—kuKhanya kukaNkulunkulu okushaya phezu kwezinhliziyo zethu. Kwangathi singaphambuka kulobubusuku futhi—futhi siphilele Wena zonke izinsuku zethu, siye—siye ekhaya naWe ngenye indlela kunale ebesihamba ngayo. Siphe khona, Nkosi. Senze sibe amaKristu angcono, wonke umKristu lapha kulobubusuku, Baba, omukele Wena futhi okholwa kuWe. Futhi bazamile ukuphila impilo yobuKristu, kodwa kulobubusuku, kwangathi bangaphambuka eceleni, kwangathi bangemukela lesoSipho.

143 O, Nkulunkulu, kuyi—kuyi—kuyindlela edelelekile. Abesifazane bazobizwa ngaba "yifeshini endala," bayobizwa ngayo yonke into. Nowesilisa uzobizwa nge "zinhlanya." Kodwa si—silungele, Nkosi.

144 Moya oNgcwele, siphambukise eceleni, khona manje. Ngiphambukise, Nkosi. A—a—angifuni ngisho nokuhamba noma ngayiphi indlela ezongihola ingisuse kuWe. Nkosi, ngi—ngifuna ukuhamba nje indlela Obungathanda ngihambe ngayo. Ngifuna isipho senhliziyo yami ukuba siphelele kakhulu ngangokuthi sizokhomba Wena, Nkosi, emhlabeni, ukuthi Awufile, Uyaphila.

145 UnguNkulunkulu wabaphilayo, hhayi uNkulunkulu wabafileyo. Ofileyo umbozwe ndawo zonke yizimpukane, nezimpukane eziluhlaza, zidala amagciwane nezininingi

izimpukane eziluhlaza; njengendoda ithatha uphuzo lwayo lokuqala, ibhema usikilidi wayo wokuqala, ikhuluma amanga ayo okuqala, iphume kumkayo okokuqala; noma inkosikazi ephumela endodeni, noma yenze izinto engalungile; njengempukane eluhlaza nje yabashaya, futhi ku... za—zanda nge...zenyukele ebomini nokungcola, ngoba isemphefumulweni ofile ngaphakathi. Imimoya emibi isuka ingene kuwo. Nomoya omubi owodwa uyibangela ukuba yenze enye into; nomunye ufike, uyibangele ukuba yenze enye into ngoba zenza *lokhu*.

146 Nkulunkulu, kwangathi bangaphambuka futhi beze ekuPhileni. Kwangathi bangasukuma, neziNgelosi zikaNkulunkulu zehle nezipho zokuPhila okuPhakade, Nkosi, futhi bahambe besuka ekunqobeni baqhubekele ekunqobeni. Siphe khona, Baba. Siyaphambuka, kulobubusuku, sisuka ezintweni zezwe neminako yezwe, sixwayisiwe nguNkulunkulu ukuthi isikhathi sesiseduze, uJesu ubuyela emhlabeni. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele oMkhulu ungasipha, kulobubusuku, lokho kuPhila okuPhakade esikubhekile. Siphe khona, Nkosi. Si—siyakhuleka nje ukuthi Uzosipha lezizibusiso njengoba sizicela eGameni likaJesu Kristu.

Namakhanda ethu ekhotheme:

147 Izazi kudala zafika kulokho...zalandela lokho kuKhanya kuya e...zafumana ukuKhanya okuPhelele. Futhi kwangathi ukuKhanya okuncane, kulobubusuku, okukwenze waphakamisa isandla sakho, noma mhlawumbe awuzange ngisho...Kushaye wena, kodwa awuzange ngisho uphakamise nesandla sakho, kwangathi lokho kuKhanya kungakuholela ngqo kulokho kuKhanya okuPhelele.

Asime sonke nje, okwenkonzo yokuzinikela encane.

148 Asenze inhliziyo yethu encane lapha, kulobubusuku, ibe yindawo yokuhlala kaKristu. Khumbulani, kulobubusuku, indaba yami encane eyinqaba kamalalepayipini. Kulobubusuku, ngempela, uJesu Kristu ungulowo malalepayipini emgwaqeni. Kunjalo, Wa—Wayengumalalepayipini emgwaqeni. O, ya, sithi, "SiyaMkhonza." Impela. Konke okucwebezelayo nobukhazikhazi, lokho akusuYe. Lokho akusuYe. Wafanele afe ukuba akulethele lesiSipho, hhayi unodoli, kodwa ukuPhila. Wafanele afe ukuze akwenze, ukuze afinyelele kuwe, indlela kuphela Ayengafinyelelala ngayo kuwe. Wayengenakuza nje lapha bese eba nguMuntu ophelele, njengoba Wayenjalo, bese efinyelela kuwe. Wayengena kukwenza ngaleyondlela. Wafanele afe ukuba akwenze, ukuletha—letha iSipho sikaNkulunkulu kuwe. Njengo—ngomalalepayipini wafanele afe ukuba ayise unodoli omncane entombazaneni yakhe, uKristu wafanele afe ukuba alethe uNkulunkulu kuwe. Sifuna ukuSemukela kulobubusuku. Futhi ngiyakholwa, namakhanda

ethu ekhotheme,...futhi nje asiphakamisele izandla zethu kuNkulunkulu futhi sahlukanisele izimpilo zethu kabusha, khona lapha kulobubusuku.

149 O Nkulunkulu onoMusa, si—sifuna iSipho saKho. Ngi—ngilapha, njengoba lenkathi kaKhisimuzi, Nkosi, njengoba ngiqonda futhi ngibuka phezu komhlaba futhi ngibona okucwebezelayo nobukhazikhazi bosuku, ngi—ngingabona nje i...phandle ngaleya, njengoba iBhayibheli lasho, lonyaka waseLawodikeya, Wena ungaphandle kwebandla laKho. Uyenqatshwa, umhambuma ebandleni laKho uQobo nakubantu baKho uQobo. U—U—Uyenqatshwa. U—umhambuma uyinto ethize eyaliwayo, futhi Uyaliwa ebandleni laKho uQobo. Uyaliwa phakathi kwabantu baKho. AbaKufuni, Nkosi, futhi baKushiyile, njengomalalepayipini, emgwaqeni. Nkulunkulu, Wa—Wa—Waqhubeka ufa noma kanjani, ukuze Ulethe iSipho sikaNkulunkulu kithi. Futhi siSemukela ngokuzithoba, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi Uzogcwalisa nje izinhliziyo zethu nezimpilo. Futhi siphambukise, kusuka kulobubusuku kuqhubeke, futhi kwangathi ngakho konke singaba ngabaKho njengoba sizahlukanisela Wena.

150 Ngemukele, Nkosi. Maningi amaphutha empilo engiwenzile. Futhi, Nkulunkulu othandekayo, njengoba—njengoba ngi—njengoba ngimi lapha kulendawana engcwele lapho iVangeli kade lishunyayelwa futhi lapho kade siKubona khona lapha, ngisho naseku—kuKhanyeni okukhulu okukhanye phezu kwabo. Futhi sibonga kakhulu ngalokhu, Nkosi. Ngi—ngizehlukanisela mina uqobo ngaloKhisimuzi, hhayi e...futhi njengoba izwe belingenza noma uku—noma ukuphenya amakhasi amasha. Nkosi, ngi—ngifuna nje ukwemukela iNdodana yaKho. Ngi—ngifuna ukwemukela iSipho saKho, Nkosi.

151 Ngifuna ukwemukela iSipho sokuPhila okuPhakade ngoKristu. Futhi mina, qiniso, Nkosi, ngemukela iSipho sikaKristu kimi, ukuzama ukuzuzela Wena abanye. Hamba nalowo nalowo.

152 Yenza umama wekhaya omncane abe nomoya omuhle kakhulu futhi athobe, ukuthi uzokwazi ukuholela abanye kuWe. ISipho Omupha sona, lobobufazane obunjengenenekazi elincane, kwangathi angaba njengenenekazi kakhulu kuze kuthi omakhelwane bezolibona futhi—futhi bafune ukufana nalo.

153 Yenza indoda, umsebenzi wasesitolo, noma ngabe ubani, Nkosi; yenze ibe yimpilo ethobile, njengoKristu, ukuze amanye abone. Asazi ukuthi bami kuphi labobantu khona lapho, Baba, kodwa asifuni neze ukushiya lowo omuhle, umgwaqo omkhulu omdala; kodwa sizoqhiyama, sigebele phambili, sifinyelele endleleni ephandle nomaphi ukuba sithole umphefumulo. Kubeke lokho phakathi kokufinyelela kwethu, Nkosi, siyakhuleka. Futhi siphe u—u—ukuphila

okuyobangela abantu ukuba bafune ukuphila kanjalo, njengoba sizahlukanisela Wena, kulobubusuku. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

Manje, uma nizokhothamisa amakhanda enu futhi, ngifuna ukunifisela nina nonke uKhisimuzi omuhle kakhulu:

154 Kwangathi Isipho esikhulu sikaKhisimuzi, okuyisona sokuqala nokuyisona kuphela nesasekuqaleni nokuyisona kuphela esikhona, uJesu Kristu, abe kabusha enhliziyweni yakho kulobubusuku. Kwangathi uMoya oNgcwele ungeza kuwe futhi ukunikeze iziphiwo zokukhonzisa nezinto ezivela kuNkulunkulu, ukuthi wena. . .isipho ukuze uphile impilo engcono. Yilokho engikufunayo. Ngingaqoka ukuba nokuPhila kukaKristu kimi ukuba ngiphile kamnandi nangokunqoba kunoma bengingenza kuzozonke iziphiwo zokuphilisa, iziphiwo zeziprofetho, zonke ezinye iziphiwo; nginike uJesu nje. Mangiphile ukuPhila, ukuphila yilokho engifuna ukukuphila. Ngifuna ukuphila ukuze abanye bezokwazi. Leso ngesami—leso yisifiso sami ngoKhisimuzi, futhi ngikhulekela ukuthi leso yisifiso sakho. Futhi ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzosipha isifiso saKhe.

155 Manje, ake sibe nezwi elivela kumelusi, nokukhishwa. Futhi uNkulunkulu anibusise. Sizonibona ngoLwesithathu ebusuku. Kuze kube yileso sikhathi, uNkulunkulu anibusise.

